


IMPUMPUTHE UBARTIMEWU

 ...?...Ningahlala phansi, uma nithanda. Ngiqaphela abantu abaningi befaka izicelo, futhi, zomkhuleko. Manje, lokho yi...Siyakuthakasela lokho kakhulu impela, ngenxa yokuthi iBhayibheli lasho ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu, amaduku nezindwangu, nemimoya engcolile yaphuma kubantu, nokugula okubi kwabashiya, nezifo. Futhi uNkulunkulu usenguNkulunkulu, Usenguye impela nje namhlanje njengoba Wayenjalo ngezinsuku zika—zikaPawulu oNgcwele, Akaguquki nje.

² Manje, abantu abaningi bathatha lezozindwangu futhi bazigcobe ngamafutha, futhi bazithumele kwabathandekayo, manje, lokho ku—lokho kuhle nje. Noma yini uNkulunkulu ayibusisayo, ngi—ngikahle ngakho, aninjalo na? Ya. Kodwa, ngokomBhalo, uPawulu akazange awagcobe, bawathathe emzimbeni wakhe, IZenzo 19 zathi bathathe emzimbeni wakhe, futhi i—imimoya emibi yabashiya abantu.

³ Manje, ngi...Siyazi ukuthi—ukuthi uPawulu oNgcwele, asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Yena usenguJesu. Ngakho manje-ke, UguJesu impela nje kulobubusuku, njengoba Wayenjalo ngezinsuku zikaPawulu oNgcwele. Ngakho, Wavele wahlonipha ukukholwa kwabantu encekwini yaKhe, futhi Uzokwenzela wena okufanayo. Izimangaliso ezinkulu kunazo zonke engake ngazazi zenziwa, kwakungenkathi abantu bethumela izindwangu ezincane zomkhuleko, noma sazithumela kubo, futhi baphulukiswa, sithumela izinkulungwane zalezo, masonto onke, emhlabeni wonke.

⁴ Futhi ngiyakhumbula eNingizimu Afrika, lapho sasinomhlangano omkhulu enkundleni yezindiza enkulu, babesivumele—sivumele sibe nayo okwemihlangano. Abantu, kwakuseCape Town, babebanengi kakhulu, sasingenasakhiwo sokubafaka, saba nawo phandle enkundleni yezindiza.

⁵ Futhi kwakukhona i...Ngicabanga ukuthi babena, kwakucishe, ngiyakhohlwa ukuthi mangaki amasaka alawa nje amakhulukazi amasaka asefekile agcwele iposi, futhi, ukuba akhulekelwe, futhi ngahamba ngikhulekela leliposi. Futhi enye yezintatheli yathi, “UMfowethu Branham ukholelwa kwinkolozwe impela,” yathi, “wayekhulekela izincwadi ukuba azithumele kubantu abagulayo.”

⁶ Awu, niyabo, u—umfowethu akaqondanga nje ukuthi lowo ngumyalo oshiywe kithi wemiBhalo, ukuthi sifanele sikhuleke phezu kwalezozinto.

⁷ Futhi nje isehlakalo esincane sakho, ngoba sifuna uku, kulobubusuku ngukuthi, noma, sinikeze inkonzo, ikakhulukazi,

kulobubusuku ngomkhuleko wabagulayo. Kwakukhona i, esikhathini esithize esedlule, ngangifunda obunye bobufakazi obabuyayo, inenekazi eJalimane, lase likhubazekile iminyaka ethile eyishumi nesikhombisa, lihlezi esihlalweni esinamasondo.

⁸ Futhi ngenkathi ngithumela lezi, sithumela iziqephu ezincane zendwangu lapho bengazithumeli, ngoba ngangivamise ukukwazi ukufaka iduku, kodwa lapho ziya ezinkulungwaneni, namaduku cishe ayishumi nanhlanu, amasenti angamashumi amabili lilinye, ungeke wakwenza. Futhi ngakho, sithola nje amakhulu amayadi amaribhini, futhi siwasike abe yizicucu ezincane, futhi ngikhulekela ngalinye.

⁹ Uma kwenzeka uyidinga, thumela nje e-ofisi, si-siyazikhulekela futhi sizithumele, khona-ke uzoba nencwadi encane enefomu. Futhi abantu bavuka onke amahora obusuku, kwenza iketango emhlabeni jikelele, umkhuleko wabagulayo. IBhayibheli lathi singavuma amaphutha ethu komunye nomunye, futhi sikhulekelane. Futhi ngakho si...Konke esizweni sonke, emhlabeni jikelele.

¹⁰ Ngakho lelinenekazi elincane lathola elalo, futhi kukhona umyalo lapho othi, "Uma u...Uma kungenzeka, biza umelusi wakho. Bese kuthi-ke, uma...Makabe nomkhuleko nawe lapho ufaka iribhini kuwe. Futhi uma ungenaye umelusi wakho eseduze, khona-ke biza omunye olungileyo, umakhelwane ongumKristu. Uma wenze noma yisiphi isono, okubi kunoma ubani, wakhuluma okubi, noma wenze noma yini engalungile oyaziyo, hamba ukulungise lokho, kuqala, ngaphambi kokuba ufake iribhini kuwe. Bese kuthi-ke, uzilungiselele, bese kuthi-ke lapho befaka iribhini, khona-ke ukholwe ukuthi uNkulunkulu uyaphulukisa."

¹¹ Ibeke, ngiyabatshela, engutsheni yabo yangaphansi eduze kwenhliziyo yabo. Futhi ngamahora *amaningi kangaka*: ngelesishiyagalolunye nqo ekuseni, ngeleshumi nambili nqo emini, nelesithathu nqo ntambama, umhlaba jikelele, kukhona iketango lomkhuleko kulokho. Abantu bavuka ngelesibili nqo ekuseni, kanjalonjalo, ukwenza leloketango lomkhuleko emhlabeni jikelele. Bese kuthi-ke, uma mhlawumbe isigidi nengxenyane noma abantu abayizigidi ezimbili bekhulekelana ngesikhathi esisodwa, kukhona okumele kwenzeke nje. UNkulunkulu, ubophezelekile nje ukukuzwa lokho. Bese kuthi-ke, kanjalo kulokho, bebeyo...

¹² Leli elincane, inenekazi laseJalimane, kwakungokukhulu, awu, ngingefune ukusho sengathi kwakungokuthuka okungcwele ukukusho, uhlobo oluthandekayo, kodwa lathi, "Ngibeke iduku elincane kimi." Lathi, "Kwakukhona inenekazi elingumakhelwane wami eliza ngapha ukuzokhuleka kanye nami," futhi lathi, "Nganginazo zonke izono zami engizivumile, futhi ngacela iNkosi ukuba ingivumele ngihambe futhi, ukuze

ngikwazi ukuYikhezimulisa.” Lathi, “Ngenkathi konke sekuphelile, *Mfowethu* Branham,” lathi, “ngafaka iribhini encane engutsheni yami yangaphansi, ngathi, ‘Kulungile, Mnu. Develi, ungibambile inqobo nje uma uzokwenza.’” Lasukuma laphuma esihlalweni esinamasondo, lahamba laqhubeka.

¹³ Kulula kanjalo nje. Uma nje ulula! Niyazi, inkathazo ngathi maKristu, noma, thina zidalwa ezingabantu senza uNkulunkulu abe kude kakhulu futhi axake kakhulu. Ubulula!

¹⁴ Kade ngiqaphela ubusuku ngabunye amaNdiya athi awabe mabili ehlezi khona lapha, awekho lapha, ngiyacabanga, kulobubusuku. Kodwa omunye wangitshela ukuthi—ukuthi bekukhona abanye abaculi abebekade becula, abanye abafana abangamaNdiya bebekade becula, bengingathanda ukubezwa ngaphambi kokuba bahambe. Kodwa noma kunjalo, bengicabanga ngesikhathi sokuqala engake ngashumayela kumaNdiya, kwakungama-Apache e, e-Arizona, enhla eSan Carlos.

¹⁵ Futhi ngakho, iNdiya lingumfo oyinqaba impela. Ngakuthola lokho ekuyeni ukuyodoba ngokunye ukusa, ngabuza omunye lokho ayekusebenzisa ukucupha, wathi, “Isicupho nje.” Ubengeke angitshela.

Ngathi, “Ngiyabonga, mnumzane.” Impela wayengumdobi. Futhi ngakho, ngangi. . . Ayamangalisa.

¹⁶ Ngiyakhumbula umfana wami ngesinye isikhathi wayenikezela ngamakhadi omkhuleko emhlanganweni omkhulu wethende ePhoenix. Futhi ngathola kuza abantu emgqeni womkhuleko mhlawumbe bephethwe yikhanda, nezinyo elibi, nabantu behlezi phandle lapho benomdlavuza, befa.

¹⁷ Ngase ngithi, “Billy, ungakwenzi lokho. Buza abantu ukuthi yini engalungile ngabo.” Ngokuvamile uvele nje axube amakhadi bese ewanika noma ubani owafunayo. Ngakho manje-ke, ngathi, “Ungakwenzi lokho.” Ngathi, “Ngoba, buza abantu, baningi kakhulu abantu abagula kakhulu ngempela lapho ukunikeza nje umfo ikhadi one, onekhanda elibuhlungu noma ubuhlungu bezinyo, nendoda ihlezi lapho ibulawa ngumdlavuza futhi ifuna ukukhulekelwa.” Ngathi, “Manje, awufanele wenze lokho.” Ngathi, “Babuze nje ukuthi yini engalungile.”

¹⁸ Ngakho uBilly wehlela emhlanganweni ngalobobusuku, futhi yena, umfo omncane nje ngaleyonkathi, futhi wathola amakhadi akhe futhi wawaxova, futhi wathi, “Manje, ngamunye wenu ufanele angitshela ukuthi yini indaba ngani. Ubabayi wami washo ukuthi—ukuthi nginganikezi lamakhadi omkhuleko kubantu abaphethwe amazinyo nje, nabaphathwe amakhanda, kanjalonjalo, lapho abantu bebulawa ngumdlavuza.”

¹⁹ Ngakho, induna endala, yayihlezi phansi ngqo kwiphansi njengenjwayelo, futhi ifake isigqoko sayo. Futhi ngakho, yahamba yaya ngale, iqala ukuqaphela amakhadi omkhuleko

kaBilly eya ngokuba mancane ngokuba mancane lapho ewakhipha, yambambatha ehloambe, yelula isandla sayo.

²⁰ Futhi yathi, “Nduna,” yathi, “ubabayi wami uthe ngizo . . . uzofanele ungitshele ukuthi yini ebingalungile ngawe. Ingabe wena ugula kakhulu na?” Wathi, “Yini engalungile ngawe na?”

Yathi, “Mina ngiyagula.”

Ngakho wathi, “Awu, hamba uhlale phansi, futhi wena . . .”

²¹ Waya ngale wayeseqala ukuwakhipha, neNduna yasiqaphela lesosigejane samakhadi siya ngokuba sincane ngokuba sincane, yenyuka futhi, yambambatha emhlane.

Wathi—wathi, “Yini engalungile, Nduna na?”

Yathi, “Mina ngiyagula.”

²² Ngakho wathi, “Awu, ngizo . . . Umzuzwana nje.” Futhi ngakho, ubethi, “Noma ubani ogula ngempela enomdlavuza, noma okuthize,” ukuze akwazi ukukunika ikhadi lomkhuleko. Emva kwesikhashana, induna yabona nje ukuthi kwakunamabili noma amathathu, yagijima yase idumela uBilly.

Yathi, “Mina ngiyagula.”

UBilly wathi, “Thatha lelikhadi bese ubhala kulo, ‘Mina ngiyagula,’ bese uhamba uhlale phansi.” “Mina ngiyagula.”

²³ Ngayithola—ngayithola emgqeni womkhuleko ngalobobusuku, ngase ngithi, “Nduna,” ngathi, “Ngabe . . . ? Uyamkholwa uNkulunkulu na?”

Yathi, “Kunjalo.”

Futhi ngathi, “Uzoba ngumfana olungileyo emva kokuba iNkosi isikuphulukisile na?”

Yathi, “Kunjalo.”

²⁴ Futhi konke engayitshela khona, “Kunjalo.” Ngithola ukuthi, yayazi kuphela amagama amabili noma amathathu, futhi elinye lawo kwakungukuthi, “Kunjalo.” Ngakho, kwakulungile konke khona-ke.

²⁵ Saya esabelweni, kungahle kubekhona abantu lapha owayesabelweni saseSan Carlos ngalobobusuku, izinkulungwane zabo zabuthana phandle ngomkhuleko. NamaNdiya, alilikhulu uku . . . lifanele lazi ukuthi lenzani, alihambi nje lingene kunoma yini. Ngenkathi ngisakhuluma, mina, ngithi ukuthola umusa kuwo, futhi ngi . . .

²⁶ Uma kukhona noma ubani, wanoma yisiphi isizwe, wanoma yibaphi abantu emhlabeni wonke engibadabukelayo, yiNdiya. Kunjalo. Bathola eluhlaza, idili engcolile evela kithi. Kunjalo impela. Uma kukhona noma yiliphi ibala eflegini laseMelika, yindlela abenza ngayo iNdiya. Isusa zonke izimvu kuyo, ilibeka ngaphandle ezweni elimpofu kunawo onke emhlabeni, futhi

ilinike amadola ayishumi ngenyanga ukuba liphile ngawo, noma okuthize, lokho akulungile. Qhabo, mnumzane. Empeleni, lesi yisizwe salo, uNkulunkulu walinika lesi, sisithathile sasisusa kulo, kunjalo impela.

²⁷ Futhi ngakho, ngangihlala ngibadabukela abantu abampofu abahlala phandle lapho, futhi ngangifuna njalo ukukhuleka nabo. Futhi ngakho, ngethembisa iNkosi ePhoenix uma Ingaphulukisa ohlulwa wuphuzo nowesifazane ophethwe yisifo sofuba ukuthi ngiyoya esabelweni, futhi bobabili babuya nezitifiketi ukuthi baphulukisiwe. Ngakho manje-ke, ngaya esabelweni, futhi ngalobobusuku bangimisa esitebhisini esincane sendawo se-Assembly of God, njengokuthi, umpheme omncane e-Assembly encane. Kwakukhona inenekazi, abanye benu bafowethu be-Assembly ningahle... [Umfowethu uthi, "UDadewethu Marshall."—Umhl.] UDadewethu Marshall, wayeyilelonenekazi, wayeyisithunywa senkolo enhla lapho.

²⁸ Futhi ngama lapho futhi ngakhuluma kubo bonke, futhi bahlala bazungeza, izinkulungwane zabo phandle lapho. Futhi ba... Kuhle ukubabona behlezi ezingutsheni zabo zokulala nezinto, belindele inkonzo. Futhi lapho ngokuvamile ngenza ukubizela e-altare, ubuyoba nokunyatshelana.

²⁹ Kodwa manje, ngathi, "Manje, wonke lowo ofuna ukukhulekelwa," wawungakwazi ukukhuluma ulwimi lwabo, futhi thina, ngalezozinsuku, sasingawakhiphi amakhadi omkhuleko, empeleni, ngakho ngathi, "wonke lowo ofuna ukukhulekelwa, mabasukume." Kwakungekho-muntu owasukumayo. Ngacabanga, "Awu, lokho kuyaxaka." Kwathi ukungimangaza. Akukho-muntu owasukumayo, awu, ngathi, ngatshela umhumushi, ngathi, "Ukushilo engikushilo na?"

Wathi, "Onke amazwi."

³⁰ Ngathi, "Ngingakusho futhi: Wonke lowo ofuna ngibakhulekele ngokuphulukiswa kwabo, mabasukume."

³¹ Akekho owasukumayo. Ngakho uDadewethu Marshall wabuya ngaphakathi nenenekazi eliyiNdiya. Ama-Apache angabantu abakhulu kakhulu, bangabantu abaqinile, abayisidlakela. Futhi inenekazi laphuma, futhi ngangilibuka umzuzwana nje, ngase ngithi, "Manje, inenekazi liyagula, linesifo socansi, kodwa akungenxa yokuphila isimilo esibi, yingoba lifanele liphile ngendlela eliphila ngayo."

Nalelonenekazi langibuka sengathi liyacabanga, "Ukwaze kanjani lokho na?"

³² Futhi ngakhuleka kanye nalo, futhi isikhashanyana, kwaphuma indoda, yayinaleso sifo samehlo iglakhoma. Kwase kuthi-ke olandelayo owaphuma kwakuyi-yi-intombazane encane, futhi yayikhothamise ikhanda layo elincane, futhi—futhi ngathi, "Awu, ungabheka phuzulu ngapha, s'handwa na?"

“Qhabo.” Kusobala yayingakuqondi ngisho nokuthi ngangithini.

³³ Futhi ngathi, “Awu, iNkosi ingakwembula.” Futhi khona-ke Kwathi yayinomkhuhlane, futhi yaba yisithulu ezindlebeni zombili. Futhi yona, iyisithulu, yaba yisimungulu futhi, yayingakwazi ukukhuluma noma ukuzwa.

³⁴ Ngase ngiphakamisa intombazane encane ngezingalo zami, ngase ngithi, “Nkosi, uma Wena ngiyacela . . . Ngi . . . Asi, asiceli izimangaliso, asiziceli lezozinto. Kodwa uma bekungaba njalo, bekuzosiza abantu, futhi uma nje Ubungakwenza, ngifuna ukuthola umusa kulaba abampofu, abantu abalahliwe.”

³⁵ Futhi ngenkathi ngikhulekela intombazane encane, ngayihlalisa phansi, ngathi, “Ngibuke.” Yabheka phezulu *kanjalo*. Ngithi, “Uyamthanda umama wakho na?” *kanjalo*, futhi yaqala ukuvungama ngento ethize. Futhi ngangazi ukuthi yayizwa, ngathi, “Niyabona iyezwa, kodwa mhlawumbe izokhuluma kangcono.”

³⁶ Nomama emi nentombazane encane, wathi, “Mm! Ukukhuluma kwakhe kunqwabelana kahle khona manje.” Angizange nje ngiqonde—angizange ngiqonde ukuthi yayithini.

³⁷ Khona-ke—khona-ke kwakukhona omncane, umfana onezinxemu wayendela. Angikaze empilweni yami ngike ngibone uNkulunkulu enqaba umntwana onezinxemu. Ngiqagele kungani, ngoba ngenkathi ingane yami, ngenkathi ngisengumfana nje, ngalahlekelwa ngumkami nengane, niyazi, nentombazanyana yahlupheka kakhulu, amehlo ayo aze aphambana, futhi ngavele ngaquleka, cishe impela, ngiyibuka. Futhi angizange ngikwazi ukumela ukubona umntwana onezinxemu, iNkosi njalo iphendula umkhuleko walokho.

³⁸ Kwase kuthi-ke ngenkathi lomfana omncane oyiNdiya amehlo amancane ayeyizinxemu, ngase ngithatha umfo omncane ngamphakamisa engalweni yami ngase ngikhuleka. Nga—ngazi ukuthi uNkulunkulu wayekwenzile, ngase ngithi, “Ngaphambi kokuba ngisho ngiphendule umfana omncane, uma amehlo akhe engaqondile ngokuphelele, khona-ke ngingumprofethi wamanga.” Ngamphendula lapho, ngase ngikhuluma ngomugqa womkhuleko! Saba nokunyathelana.

³⁹ Futhi ngabuza umhumushi. Wathi, “Bebecabanga ukuthi bekungamanga ekuqaleni, kodwa manje bayabona ukuthi kuyikho gempela.”

⁴⁰ Ngakho-ke, olandelayo emgqeni kwakuyinenekazi eselikhulile uDadewethu Marshall ayelikhipha ngaphakathi. Futhi empofu, into endala, uma kukhona iNdiya lapha, ngicela ningacabangi ukuthi ngisho lokhu, ngilahla into ethize ngokuba mpofu, kodwa mhlawumbe udade ompofu wayenjalo, wayengenakukwazi ukuthenga izinduku zokuqhugela, ngakho-

ke wayenezinduku zomshanelo, lapho ababekade besahe khona eblokweni elincane futhi bazisonga ngezindwangu.

41 Futhi wayezoba olandelayo, isifo samathambo. Futhi wayegongobele kakhulu, wayethatha lezizinkuni, futhi akhiphe olulodwa *kanje*, nolunye, bese-ke enza izinyathelo zakhe *kanjalo*, khona-ke wayezihlela, enze izitebhisi ezimfishane ezincanyana, futhi lapho esethole . . .

42 Kukhona i—isiko, ngesinye isikhathi, lamaNdiya ukweluka isikhumba ezinweleni zawo, futhi wangibuka phezulu, lawo amancane, amehlo abukeka emnyama, naleyo emikhulu, imibimbi ejulile ezihlathini zakhe, i, nezinyembezi zisika indlela yazo zehla zedlula njengemigodi emincane ezihlathini zakhe. Wangibuka phezulu kanjalo, ngacabanga, “O Nkulunkulu, umama womunye umuntu. Akungabazeki kodwa lezozandla zihlelemba amehlo amaningi engane encane ekhalayo, mhlawumbe akakaze abe nokudla okuhloniphekile okuningi empilweni yakhe yonke.”

43 Futhi ufanele ungene ukuba uzwele abantu uma uzobakhulekela. Futhi ngakho, emi lapho ebuka lokho, wavele nje wangibuka phezulu, futhi waqala ukumamatheka, angikaze ngikhuleke noma ngenze utho. Wathatha nje induku yokuqhugela eyodwa ngesandla esisodwa, eyodwa ngesinye, wayesenginika yona, wayesehamba ephuma emsamo kahle nje njenganoma ubani. Kulula kanjalo nje. Niyabo? Manje, si—sizama ukukwenza kuxake.

44 Ngabe kulungile ngento eyodwa nje futhi encane mayelana . . .? Kwakucishe kube ngelesithathu nqo ekuseni, ngangisamile emgqeni. Futhi ngathi, “Ngizobakhulekela bonke,” ngoba ngadingeka ngihambe ngosuku olulandelayo. Futhi ngabaqaphela bonke bengenabemazi te enhla ngalendlela, ngase ngithi, “Yini indaba nge . . .Kungani—kungani bemazi na?”

45 Wathi, “Awu, bagijime baphumela e—esabelweni futhi beletha abathandekayo babo.” Futhi wathi, “Abalindele ukwehla cishe amamayela ayishumi ukuya ezibukweni.” Wathi, “Bahamba ngqo ngaphesheya komfula nabo, be bathwele emhlane wabo, kumbe noma ngayiphi indlela, babayise lapha.”

46 Kwase kuthi-ke ngi . . .Ngiza, ngiphusha ngingena eceleni, ngingena ngomnyango ongemuva futhi ngiphumela ngaphambili, kwakukhona i—i—indoda eyathatha ipulangwe yase ibeka izinduku ezimbili zivundle kulo, futhi wayenomdala, umfo onekhanda elimpunga nemilenze yakhe inqamule emadolweni akhe lapha, nasezingalweni zakhe, futhi kwakukhona amabili amakhulukazi, amaNdiya abukeka eyizidlakela emthwele. Futhi omunye wayemi lapho, nezindebe

zakhe zaziluhlaza okwesibhakabhaka ngempela, futhi nje eqhaqhazela egodola, emanzi yonke indawo.

Ngase ngithi, “Ukhuluma isiNgesi na?”

Wathi, “*Kancane.*”

Futhi ngathi, “Awucabangi ukuthi uzongenwa yinyumoniya, ngokuba manzi na?” Ngibona ukuthi wayezothini, niyazi, nje ngihlola ukukholwa kwakhe.

Wathi, “UJesu Kristu unginakekele, ngilethe ubaba wami.”

Ngathi, “Yini indaba ngobabayi wakho na?”

“Yena egula.” Wayeqhaqhazela, wayefe uhlangothi, *kanjalo*, umfo omdala elele lapho, niyazi.

Ngase ngithi, “Ngabe uyasikhuluma isiNgesi na?”

“Qhabo.”

⁴⁷ Ngathi, “Awu, mlethe lapha.” Bamedlulisa. Ngiqagele, umfowabo ngemuva, wayeyindoda ebukeka isencane ithwelwe, yedlula. Ngabeka izandla zami phezu kwakhe, ngathi, “Mnumzane, kwangathi iNkosi ingakubusisa.” Ngathi, “Jesu siza lena empofu, indoda ethandekayo engakwazi ukuzisiza, hlonipha ukukholwa kwendodana yayo eyilethile.” Ngathi, “Kulungile, mdlulise.”

⁴⁸ Futhi mina, umzuzwana nje, ngi—ngezwa into ethize imemeza kakhulu futhi impongolozo, ngaqalaza, iNdiya elidala laliphethe ibhodi ehlothe lalo, lihamba lizungeza livayizela kuwo wonke umuntu, lihamba kahle...?...

⁴⁹ Lapho izikhathi eziningi thina bantu abanobuso obuphaphathekile, niyabo, sihlezi nje, futhi, “Awu, ngikhulekeleni futhi, ngi—ngizobuyela emuva ngomugqa, noma...” O, he! Bayakholwa nje, yilokho kuphela, ukukholwa okunjengokomntwana nje. Yileyondlela esifanele sikwenze ngayo, niyabo, kholwa nje, akuxakile.

⁵⁰ Ezansi eDolobheni laseMexico ngonyaka odlule, ngenkathi uGeneral Medina, u, abaningi benu bazalwane, ngiqagele, niyazi uGeneral Medina ungu, omunye wojenene abagqamile ebuthweni laseMexico. Ngaba nenhlanhla yokuba yiProtestane lokuqala ukuba limenyelwe eDolobheni laseMexico ukukhulekela abantu abagulayo, noma babe nomhlangano, ngombutho waseMexico, futhi lokho kwakungo General Medina. Ngisanda kuhlanguka naye nje ngelinye ilanga engqungqutheleni, iFull Gospel Businessmen, ngaxhawulana naye. “Zama uphinde ubuye futhi.”

⁵¹ Sasilapho kuphela ubusuku obuthathu. Ngangiye enkundleni yenkunzi, kodwa asikutholanga lokho, ngakho babenendawo enkulukazi phandle lapho ensimini, enkulu, enye inkundla enkulu, efana nayo. Nabantu, manje, ukhuluma ngokufuna uKristu! Bafika lapho ngelesishiyagalolunye nqo

ekuseni, kungekho-ndawo yokuhlala phansi, futhi angifikanga ngisho kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye ebusuku. Babeyoncikana nje, njengezimvu zimi endle.

⁵² Futhi ngiyakhumbula ubusuku besibili, liyidliwa imvula, labobantu abampofu bemi lapho kuleyomvula, nje, abantu baseMexico. Futhi ngobusuku bangayizolo, kwakukade kukhona isimangaliso esikhulu esenziwe. Kwakukhona indoda endala iza inqamula emsamo.

⁵³ Futhi iMexico, umnotho wabo ubhalanse kabi kabi. Mhlawumbe, ake sithi uPancho wenza, ungumbeki wesitini, wenza opeso abayisishiyagalombili ngosuku, futhi wayezodingeka asebenze izinsuku ezine ukuba azitholele ipheya lezicathulo. Manje, lokho isilinganiso kwezomnotho eMexico. Kodwa nokho, bafanele bakhokhe amasenti angamashumi amahlanu kulokho ukushisa ikhandlela likagrisi e-altare lesigidi samadola. Kodwa-ke lapho sifika . . .

⁵⁴ Lomfo omdala wenyukela lapho, futhi wayeyimpumpuphe, ubeyocishe abe neminyaka kababayi wami, ukuba yena, ubaba wami, ubeyophila. Futhi wayengazifakile izicathulo, izinyawo zakhe ezindala ezidelekile zonke, nemilenze yebhulukwe lakhe imanikiniki elidala, egqoke ihembe elibukeka linothuli, isigqoko esidala, futhi sisongwe ngezintambo, futhi—futhi wayesondela futhi engolandelayo emgqeni.

⁵⁵ Futhi ngakho, bamtshela, “Olandelayo.” Futhi uMfowethu, omunye wabavangeli be-Assembly of God lapho, u-Espinoza, nonke ningahle nimazi uMfowethu Espinoza waseCalifornia, wa—wayengumhumushi wami, futhi wamtshela ukuthi wayengolandelayo. Wayesefaka isandla phansi ephaketheni, wayesekhipha irosari elincane, waqala ukukusho.

Ngathi, “Lokho akudingekile.”

⁵⁶ Futhi uyenyuka, ngase ngimbuka. O, umfo ubengazizwa kanjani! Empofu, indoda endala, mhlawumbe yayingakaze ibe nokudla okuhloniphekile empilweni yayo, futhi yayingafake zicathulo, lapho ngama nesudu enhle nepheya elihle lezicathulo. Ngaphakamisa unyawo lwami eceleni kolwayo, ukubona ukuthi izicathulo zami bezizoyilingana yini, bengiyoyinika izicathulo zami khona lapho. Futhi amahlombe ayo ayebanzi kakhulu kunawami, ibhantshi lami lalingeke liyilingane. Kwase kuthi-ke lapho yayisebumpumpupheni.

Futhi ngavele nje ngamgaxa umfo omdala, ngase ngikhuleka, “O Nkulunkulu, yiba nomusa.”

⁵⁷ Khona manjalo, ngezwa, “Gloria a Dios!” Futhi lapho wayegijima ehla enyuka emsamo, wayekwazi ukubona kahle njengoba ngingabona noma ningabona, enesikhathi esimangalisayo nje.

⁵⁸ Futhi ngobusuku obulandelayo, nomsamo umude nje njengaleligumbi linjalo lapha, inqwaba yamabhantshi amadala, nezikhafu, namatshali aphakeme *kangako*, ebekwe lapho ukuba akhulekelwe. Ukuthi babeyoke bazi kanjani ukuthi kwakungokukabani, angazi.

⁵⁹ Futhi khona-ke, futhi lina, bona beba manzi, khona nje phandle ebaleni, inkundla yezemidlalo enkulukazi. NoBilly uyafika wangitshela, wathi, “Babayi, wena...kukhona owesifazane ezansi lapho onengane efile efe kulokhu ukusa.” Wathi, “Ungeke wenza lutho ngaye.” Wathi, “Ugibela ngqo phezu kwalabo bangenisi, ehamba phezu kwamahlombe abo naleyongane.” Futhi wathi, “Simsunduzile samsusa emsamo kathathu noma kane, akukho esingakwenza, ufanele uze ngapha futhi umbone.”

⁶⁰ Bangaki owazi uJack Moore, uMfowethu Jack Moore waseShreveport, eLouisiana na? Ngigagele abaningi benu bayamazi. Awu, wayenami, ngase ngithi, “Mfowethu Jack, hamba uye ngale bese ukhulekela inenekazi elincane,” ngase ngithi, “ngengane.” Ngathi, “Kade ifile kusukela kulokhu ukusa.” Ngathi, “Lokho kuzothi ukumduduza.” Ngathi, “Angikwazi ukumenyusela lapha, akanalo ikhadi lomkhuleko.” Futhi ngathi, “Bekungeke kulunge kubantu abaphethe amakhadi omkhuleko, bathole igunya lokungena emgqeni womkhuleko, bame lapha kusesekuseni kulokhu ukusa futhi bathola lawomakhadi.”

⁶¹ Futhi ngakho, uMfowethu Jack waqala ngale uku—ukuyobona inenekazi. Futhi nje ngabuka phandle ngaphesheya kwezethameli, futhi ngabona ingane encane embonweni, ithi nje guu nje, ishaya izandla zayo ezincane, ingane encane yaseMexico. Ngaphenduka, ngacabanga, “Awu, mina, mhlawumbe kungcono ngiye laphaya.” Ngathi, “Mkhuphuleni.”

⁶² Futhi ngakho, bahlukana. Elihle, inenekazi elincane, cishe, ngingathi, iminyaka engamashumi amabili ubudala, lalinengubo yokulala encane *kanje*, futhi isimo esincane sasilele ngaphansi kwengubo yokulala. Futhi lawa ngamadolo alo, laqala ukumemeza, “Padre,” niyazi.

⁶³ Ngathi, “Nje—nje sukuma, dadewethu.” Futhi ngabeka izandla zami phezu komfo omncane. Ngangingakwazi ukukhuluma iSpanishi, futhi—futhi ngabeka izandla zami phezu kwengane encane, uNkulunkulu eZulwini, OnguMqambi waleliBhayibheli uyazi ukuthi kuyiqiniso, ngabeka izandla phezu kwaleyongane encane, futhi into yokuqala niyazi, ukunswininiza kwazwakala, futhi yaqala ukuthi guu, igxuma, futhi inswininiza.

⁶⁴ Futhi ngathi, “Manje, ungasho lutho ngalokhu, ungakushicileli lokhu kunoma yiliphi iphepha, uze uhambe futhi uvumele udokotela asayine isitatimende ukuthi

leyongane ifile kulokhu ukusa.” Niyabo, kwakukhona cishe . . . Kusukela ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, kwaze kwaba ngasekugamanxeni kwelesishiyagalolunye, eleshumi ngalobobusuku, ingane yayikade ifile.

⁶⁵ Futhi bathola isitatimende sabo sikadokotela esisayiniwe ukuthi wamemezela ukuthi ingane ifile ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo. Nalokho kwakungeleshumi, cishe ngeleshumi nqo ngalobobusuku, phakathi kokugamanxa kwelesishiyagalolunye neleshumi. Nengane iyaphila namhlanje, ngokukholwa okulula nje. Ngangingahlanganise lutho nokuphulukiswa kwengane. Kusobala umbono uyafika, kodwa lapho umbono ukhuluma, akukho lutho olungake lujikise lokho, kuhlala kuphelele, kuhlala kuphelele.

⁶⁶ Futhi ekukhulekeleni abagulayo, kulobubusuku njengoba sikhulekela abagulayo, iNkosi ingeza kithi futhi inikeze imibono, futhi uma Ikwenza, khumbulani umbono awubaphulukisi abantu, umbono uyisiqinisekiso kuphela ukuthi iZwi liqinisele.

⁶⁷ Bangaki owaziyo ukuthi igama *mprofethi* lichaza ukuthini na? Impela, niyazi. *Umprofethi* kuchaza ukuthi “lowo osho ngaphambili, noma obikezelayo.” Futhi kuyisibonakaliso sobuNkulunkulu esivela kuNkulunkulu ukuthi lomuntu okhulumayo unokuhumusha okuyikho kweZwi lobuNkulunkulu, ngoba, “iZwi leNkosi leza kubaprofethi.” Nomprofethi wabikezela futhi wenza lezozibonakaliso, okuyisiqinisekiso sokuthi wayenokuhumusha kweZwi.

⁶⁸ Niyabo, isibonakaliso sinephimbo. UMose watshelwa, uNkulunkulu watshela uMose, ngenkathi Ethi yenza isibonakaliso ngesandla sakhe, bese-ke wenza isibonakaliso ngenduku, Wathi, “Uma bengalizwa iphimbo lesibonakaliso sokuqala, bazolizwa iphimbo lesibonakaliso sesibili.” Isibonakaliso ngasinye sinephimbo, nePhimbo likaNkulunkulu likhuluma kithi.

⁶⁹ Futhi uma Ekwenza lokho, khona-ke ngifuna ngamunye wenu bantu ukuba nikholwe ngenhliziyo yenu yonke ukuthi uKristu, iNdodana kaNkulunkulu, ulapha ukuzokuphilisa. Futhi manje khumbulani, lapho Ekhuluma, lapho Ekhuluma, Akusimina.

⁷⁰ Manje, ngithathe ubusuku obubili bokuqina ngempela, ukushumayela okunzima, futhi ngi—bengingeke ngixolise ngalokho engikushilo, ngoba kuyiqiniso, bangane. Ngi—ngi—ngiyalishisekela iBandla. Futhi kulobubusuku, ukuzwa leliqembu lamadoda, ngihlale namadoda kakhulu ngamaqembu, kodwa angikaze ngihlale nesigejane esihle kakhulu sabafowethu abakhulwayo ngempela, ukuthi, wangigaxa eza emizuzwini embalwa edlule, wayesethi, “Siyawuthokozela lowomlayezo izolo ebusuku.”

Ngathi, “Bekunzima kakhulu.”

Wathi, “Kodwa kusifaka ugqozi ukuba siqhubekele phambili, futhi.”

⁷¹ Ngi—ngi—nginethemba emadodeni anjalo, yebo, mnumzane. Yebo. Lapho sithatha... Uma—uma nje bengikusho ukuba ngihlakaniphe, khona-ke lokho bekungaba yiphutha, Ngi—ngifanele ngiye e-altare futhi ngilungisane noNkulunkulu. Kodwa lapho kuyiqiniso, bangane, khona-ke besifanele silinganise kulokho uNkulunkulu akushoyo, niyabo, kunjalo; uNkulunkulu uyazi.

⁷² Ngobunye ubusuku kuleliviki, ngifuna ukunitshela into ethize eyenzeka kimi cishe enyangeni edlule, futhi nizoqonda-ke ngento ethize eyenzekile. Noma ngabe kwakungumbono noma qha, angazi. Ngatshela abazalwane esidlweni sasekuseni, futhi ngangifuna ukubona kusihlalo nabanye bekomidi uma kulungile ukukukhuluma lapha emsamo ngobunye ubusuku, into ethize eyenzeka, njengombono, kimi.

⁷³ Futhi ngi—ngiyabathanda abantu, ngiyabathanda abantu nje, futhi ngi—ngifuna ukuphila phakade nabo, ngifuna ukuphila ePhakadeni nabo. Futhi ngingaqoka ukuthi ukunishukumisa kancanyana nje manje, kunokukuzwa umi lapho ngaloloSuku njengentombazane eyafa edolobheni lakithi maduze nje.

⁷⁴ Futhi kwakukhona intombazane eza etabernakele phezulu lapho, yona intombazane encane eyifeshini endala, futhi—futhi ngakho, lentombazane yahlekisa ngayo, yayibiza ngefeshini endala, nakho konke. Futhi—futhi yayicela ukuba iye emdansweni nayo, nentombazane yasetabernakele yathi, “Asiyi emidansweni.”

⁷⁵ Yathi, “Lowomelusi wenu onomqondo omncane, uMnu. Branham,” yathi, “ukuba wayengesiye ongahlakahlile ekhanda nohlanya lwenkolo, ubuyoba nenkululeko ethe xaxa.”

⁷⁶ Yathi, “Angikwenzi lokhu ngenxa yezinkolelo zikaMnu. Branham, ngenxa lokhu ngezinkolelo zami ngoJesu Kristu.” Mm! UNkulunkulu abusise leyontombazane. Lelinenekazi elasho lokho kulo lalinguthisha kaSonto sikole.

⁷⁷ UMnu. Perkins usebenzela u, umngcwabi lapho edolobheni. Cishe ezinyangeni eziyisithupha emva kokuba lokhu kuphawula kwenziwe, lentombazane yagula futhi yafa, babengazi ukuthi kwakuyini, kwakuyisifo socansi. UMnu. Perkins, ngenkathi ephampa uketshezi lokugqumisa emzimbeni wentombazane, wayelokhu ehogela into ethize, yayivuza, kunjalo. Futhi wavula, futhi yayinezimbobo ezidla kuyo kunjalo, ngenxa yesifo socansi. Kunjalo. Futhi, indawo eningi yokuhlekisa, sithi umuntu othile unobuhlanya.

⁷⁸ Ngenkathi ifa, uma kulungile, ngizonitshela ubufakazi, ngenkathi intombazane ifa, yangenisa lonke iklasi layo likaSonto sikole, babezoyibhekisisa iya eKhaya eZulwini, kusobala. Kodwa yayiyizwe impela, impela, iyizwe impela. Kwase kuthi-ke lapho isilungele ukufa, yacabanga ukuthi kwakulungile. Niyazi, “Kukhona indlela ebonakala sengathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa.” Awu, lentombazane, ngenkathi isilungele ukufa. . .

⁷⁹ Umelusi wayo wayebhema osikilidi ngenduku yokubamba, induku yokubamba ende. Wayegqoke omunye walaba okhololo abaphendukezelwe, lokho kulunge ngokuphelele, uma efuna ukwenza lokho, kodwa uma nje ubengashumayela iVangeli!

⁸⁰ UJesu, angicabangi ukuthi uJesu waziphawula Yena uqobo ngokwehlukile kunoma yimuphi omunye umuntu, Wayegqoka njengabantu abajwayelekile, futhi wahamba phakathi kwabantu, WayenguMuntu phakathi kwabantu. Futhi ngakho, WayeyiSibonelo sethu lapho sekuza ekugqokeni, kumbe noma yini enye. Angicabangi ukuthi sifanele sigqoke, ngicabanga ukuthi izimpilo zethu zikusho kangcono kunokuba ukugqoka kwethu kwenza, ngalokho esiyikho. Futhi ngakhoke, lokhu. . . Akusikho ukunganaki kulokho nokho.

⁸¹ Kodwa indoda yayiphandle ehholo, futhi—futhi ngakho ngenkathi intombazane isilungele ukufa, ngenkathi ukufa kuyishaya, esikhundleni sokubona iziNgelosi ziza, yathi, “Nkulunkulu wami, ngilahlekile!”

⁸² Futhi babiza umelusi, futhi yathi. . . wathi, “Lapha, lapha, lapha, lapha, lapha!” Wathi, “Uyazi ukuthi ukahle,” wathi, “ubuyilunga lebandla.”

⁸³ Yathi, “Wena mkhohlisi wabantu! Uyimbangela yakho, ngiya esihogweni, futhi wena uyimbangela yakho!”

⁸⁴ Futhi yabiza leyontombazane eyayisho lokho phezulu lapho etabernakele, uNkk. Humes omncane, kodwa abamtholanga lapho ngesikhathi, intombazane yafela kulokho. . . Futhi u—futhi umfundisi wathi wayenokuhayiza, futhi wacela ukuthi udokotela eze futhi amnike ihayipo, kodwa yayisihambile ngaphambi kokuba udokotela afike lapho, isho zonke izinhlobo zezinto ezimbi ngokumelene nalowomfundisi.

⁸⁵ Mfowethu, dadewethu, ngingakuzonda ukuma phambi komunye wabantu engishumayeke ngaphambili futhi ngizwe umuntu esho lokho kimi. Uma ngifanele ngikwenze kube mahhadlahhadla ngempela ngezinye izikhathi, ngi—ngingaqoka ukuba ngaleyondlela futhi ngibe muhle, futhi ngihlanzeke, futhi ngiqonde ngqo noNkulunkulu lapho isikhathi sifika.

Manje, ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe, asikhuleke, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

⁸⁶ Baba Onomusa kakhulu noNgwele, sisondele esihlalweni saKho sobuNkulunkulu sobulungiswa kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu, sinxusa iGazi laKhe phezu kwemiphefumulo yethu ukuthi asiyikuma ekulahlweni. Kodwa, nokho, ngaphandle kwaleloGazi elichithiwe, sonke besiyolahlwa, futhi ibingebekhona indlela kithi ukuba sike sisondele kuWe.

⁸⁷ Kodwa sinalento ebusisiwe evela kuYe: “Ukuthi uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, Uzoyenza.” Khona-ke Baba, siyakhuleka kulobubusuku ukuthi Uzosithethelela iziphambeko zethu, noma yini esiyenzile, noma sayisho, noma esicabange ukuthi bekuyiphutha, sithethelele ngakho.

⁸⁸ Uma kuyintando yaKho yobuNkulunkulu, sifanele sikhulekele abagulayo baKho, abantwana abahluphekayo esikhashaneni esincane nje. Sisondele endabeni emizuzwaneni embalwa ukwakha umsamo, njengoba bekungaba njalo, ukuba ukukholwa kwabantu kuphumule phezu kwalesisisekelo seZwi, iZwi likaNkulunkulu eliPhakade. Ungasihlinzeka, Nkosi, ngengqikithi yendikimba engiyikhethele lentambama na? Kwangathi uMoya oNgwele ungathatha iZwi, futhi uLibeke kuzo zonke izinhliziyu njengoba nje sinesidingo salo. Uyazazi izidingo zethu, Nkosi, futhi siyakhuleka ukuthi Uzotshala imbewu yeVangeli ezinhliziyweni zethu, lize likhule libe yizihlahla ezinkulu zensindiso, nenduduzo, nempilo kulowo nalowo.

⁸⁹ Nalamaduku abekwe lapha, Nkosi Nkulunkulu, ngibeka izandla zami phezu kwawo esikhumbuzweni sikaPawulu oNgwele owenze lokhu kuthunywa, ekholwa ukuthi wakuthola eBhayibhelini, lapho u-Elisha athatha khona udondolo wayesetshela uGehazi, “Hamba ulubeke phezu kwengane.” Ngokuba wayazi ukuthi yonke into ayeyithinta yayibusisiwe, futhi wayazi ukuthi lolodondolo lwaluzo. . . wabusiswa, ngoba ngenkathi uMoya oNgwele uphezu kwakhe, izandla zakhe sasisodondolweni, bese kuthi-ke ukuthola owesifazane ukuba akukholwe. Ngikholwa ukuthi yilapho uPawulu oNgwele okufanele ukuthi wathola khona umBhalo.

⁹⁰ Manje, lamaduku amele, akungabazeki, abantwana abagulayo, obaba abagulayo, omama, abathandekayo, amakhaya okululamela. Ubabayi oyimpumpu the ehlezi ndawondawo ekamelweni eshaya induku emhlophe phansi, efuna ukubona ukukhanya kwelanga futhi, efuna ukubona izihlahla, amahle, amanzi aluhlaza okwesibhakabhaka, kodwa isitha simboze amehlo akhe ngongwengwezi; umama elele lapho, egula; ingane encane inomkhuhlane, belindele ukubuya kwalamaduku. O Nkosi, ngizwe, Nkosi, ngiyakhuleka.

⁹¹ Kulotshiwe, ngesinye isikhathi, ukuthi abantwana bakwa-Israyeli wayesendleleni yabo beya ezweni elithenjisiwe, noLwandle oluBomvu lwangena emgwaqeni. Futhi kushiwo

ngomunye umbhali, ukuthi uNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo ngamehlo athukuthele, noLwandle oluBomvu lwesaba, lwagingqika lwabuyela emuva, no-Israyeli wamasha waya ezweni elithenjisiwe.

⁹² O Baba onobuNkulunkulu, kwangathi Ungabuki kuphela ngeNsika yoMlilo, kodwa ngeGazi likaJesu. Futhi lapho lezizimpawu ezincane zithunyelwa emibhedeni yabagulayo nabahluphekile, kumbe noma ngabe bakuphi, kwangathi Ungabuka ngeGazi leNkosi uJesu, sazi ukuthi Wafa eKalvari futhi yena Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina, kwangathi isitha singesaba, sisuke, futhi kwangathi abantu abagulayo bangadlula bangene kulelozwe elihle lempilo, okulotshwe emBhalweni, “Ngithanda ukuba uphumelele empilweni ngaphezu kwezinto zonke.”

⁹³ Sipe khona, Nkosi, kwangathi konke ukugula kungashiya abantu, ngokuba siyabathumela, eGameni likaJesu Kristu, ngaleyonhloso, njengoba lelibandla elikhulu lapha kulobubusuku likhuleka ndawonye nami. Amen.

⁹⁴ Manje, ningeza futhi nize mukele masinya nje lapho inkonzo isiphelile. Futhi uma ufuna eyodwa futhi ungenayo lapha, vele ungibhalele, yonke into imahhala, asibizi lutho ngakho. Ngibhalele nje noma ngasiphi isikhathi eJeffersonville, e-Indiana, sizonithumelela eyodwa. Uma ungayisibenzisi, ifake eBhayibheli lakho eZenzweni isahluko 19, futhi uma ukugula kwenzeka ekhaya futhi ukholwe, manje, thatha leloduku elincane bese ulibeka phezu kwabo, kuzoba njalo, siyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa. Besinesikhathi, besiyosho izimfazakazo eziningi zalokho, kodwa anginaso isikhathi manje.

⁹⁵ Asivule amaBhayibheli ethu, nina enibhala imiBhalo phansi, kuLuka oNgcwele isahluko 18, ivesi lama 37 nelama 38, okwendikimba encane nje.

⁹⁶ Futhi manje nisaphenya, mhlawumpe mhlawumbe kusasa ebusuku futhi kuqhubeke, asazi, njengoba nje uMoya oNgcwele uzohola, sikholwa ukuthi mhlawumbe sizobe sikhulekela abagulayo iviki lonke ebusuku ngabunye, ukuthola okumbalwa ubusuku ngabunye, nalokho esingakwenza, futhi inqobo nje uma abantu abagulayo beza futhi ufuna amakhadi omkhuleko ukuba akhulekelwe.

⁹⁷ Isizathu sokuba sibanike amakhadi omkhuleko ngukubashayisa umugqa. Niyabo? Ubungathi, mhlawumbe sithi kukhona inkulungwane yabantu lapha kulobubusuku, mhlawumbe amakhulu amahlanu abo afuna ukukhulekelwa, asikwazi ukubakhuphulela bonke lapha ngesikhathi esisodwa, siyakwazi lokho. Futhi okwe... Ngomugqa wokubona okufihlakele, singathola nje abambalwa kakhulu, kakhulu, kakhulu, ngoba kucishe kukubulale nje. Bangaki okuqondayo

lokho, ngokomBhalo na? Impela, niyakuqonda. Niyabo? Futhi ngakho, futhi khona-ke asikwazi ukuletha abaningi kakhulu, kodwa ubusuku emva kobusuku, sizozama ukuthola nje lokho esingakuthola.

Kulungile:

Base beyitshela ukuthi, kudlule uJesu waseNazaretha.

Yayisimemeza, ithi, Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele.

⁹⁸ Kwakusekuseni okubandayo ngempela, wayekhathele, wayekade evukile ubusuku bonke, kufanele ukuthi waphupha ubusuku bonke ukuthi wayengakwazi ukubona, futhi wavuka sekuleyithi. Futhi ngalezozinsuku, kwakukhona izinxibi eziningi, zihlala ngasemaceleni ezitaladi, nabantu bengena, abathengisi beya emsebenzini wabo, mhlasimbe wayenezipho ukubanika zona. Nesinxibi sokuqala ahlanguana naso, wanikeza izipho zakhe, nalokho kwakuxazulula usuku, wayengenalutho olunye ayengalunikeza. Ngakho eziningi zazo zazinokufana nezindawo zokuthengisela, noma izindawo lapho ezazihlala khona futhi zilinde omunye ukuba adlule futhi aziphe izipho. Futhi uma zikugejile, awu, khona-ke baphila ngaphandle kwakho usuku lonke.

⁹⁹ Isikhathi esiningi babenezinto ezincane ababengazinikeza, okufana nemilingo emincane. BengiseNdiya maduzane, futhi ngamunye une—nenyoka imfezi, noma inkawu encane, noma—noma *enye into ethize* ukuheha ukunaka kwezivakashi.

¹⁰⁰ Lokhu kufanele ukuthi kwakungukusa okubandayo, okubandayo, kwakuyintwasahlobo, eduze kusondele iPhasika. Futhi wayemanikiniki, futhi ufika sekuleyithi, nendawo yakhe kwakungukuhlala esangweni laseJeriko, igama lakhe kwakunguBartimewu. Futhi wena u...Sitshelwa ukuthi wayeganiwe, wayenentombazane encane. Kodwa ngenxa yokuthi wayephapheme ubusuku bonke, akatholanga ubuthongo obuningi, wavuka sekuleyithi, futhi wageja isikhathi sakhe—sakhe sokucela izipho. Iningi labahwebi bangaphandle ababehlala ngaphandle komuzi base bengeni, kwakuqhubeka emini.

¹⁰¹ Ngakho, ngingayibona ngeso lengqondo inkundla yethu kulobubusuku njengoba ivuleka ohlangothini olusenyakatho yesango liholela phezulu ngase—phezulu ngaseJerusalema, isango laseJeriko lasenyakatho. Amaningi amatshe amadala ayesalokhu elele lapho elanyakaziswa phansi ngesikhathi lapho abantu bememeza, noJoshuwa nabapristi babetha amacilongo, nezindonga zaseJeriko zawa.

¹⁰² Ake sicabange uBartimewu manje ehlezi kwelinye lamadwala, eduze kwalapho umgwaqo omkhulu wamatshe agandayiwe usamile njengoba wawunjalo ezinsukwini zasendulo, wehla njalo, wehle njalo ubheke ngaseJordani.

Futhi lapho ehlezi lapho, kufanele ukuthi wayecabanga, “Manje, cishe ngizodingeka ngingabi nalutho engingaludla, umndeni wami kulobubusuku, ngokuba ngibe leyithi kakhulu, angikwazanga ukungena. Bonke abahwebi sebedlulile, futhi ngeke ngithole lutho namhlanje. Kodwa akukho ebengingakwenza, bengikhathele kakhulu futhi ngikhandlekile kulokhu ukusa ngenkathi ngifika lapha.”

¹⁰³ Futhi wahlala phansi, asikholwe ukuthi uqala ukucabanga ngokuthi, “O, uma kuphela bengingaba...lelophupho belingaba yiqiniso, ukuthi bengingaphinde ngibone! Bengiyimpuputhe manje iminyaka eminingi,” ubeyothi, “futhi uma nje bengingabona njengoba bengivamise ukubona!”

¹⁰⁴ Khona-ke ingqondo yakhe iqala ukuzulazula emuva lapho esengumfanyana, wayevame ukudlala phandle lapho entwasahlobo, okwakungaba nje, o, ezinsukwini ezimbalwa kamuva. Nokuthi kanjani emagqumeni asezingwini zaseJordani, izimbali ezincane ezimele injabulo nentokozo ziqhakazile zonke phansi naphezulu, nezimbali ezincane ezil’hlaza s’bhakabhaka, futhi kubukeka kukuhle kanjani. Nokuthi wayevamise ukucabanga kanjani esengumfanyana, ukuthi wayezulazula kanjani ehla enyuka kulelogquma, futhi adlaladlale futhi adlale nabanye abafana abancane.

¹⁰⁵ Futhi khona-ke, uyakhumbula, ukuthi lapho emva kokuba umama wakhe onomoya omuhle, oyiJuda wayembiza ukuba angene azodla isidlo sakhe sasemini, emva kokuba esebe nedina lakhe, wayephumela egosini, futhi wayembeka emathangeni akhe, bese ephulula izinwele zakhe ezincane zisuke emehlweni akhe. Futhi wayembheka, futhi wayebona ukuthi wayemuhle kanjani, nokuthi uyosho kanjani, “Bartimewu, amehlo akho amancane aluhlaza njengesibhakabhaka phezulu.”

¹⁰⁶ O, ubeyocabanga, “Uma nje bengingaphinde ngiphile ngalezozinsuku ngaleya, lapho bengingabona izimbali, futhi ngixoshe izinyosi, futhi ngizwe izinyoni ezinhle futhi ngizibone, futhi ngibone umama wami othandekayo, kodwa maye, ukuguga kwamshaya, futhi washwabana futhi ekugcineni wafa, futhi samngcwaba eminyakeni eminingi edlule. Futhi lapha sengimdala, futhi ngimpofu, futhi ngishaywe ubumpofu, ngihlezi lapha nginxiba, ngiyimpuputhe.”

¹⁰⁷ Futhi wayevame ukucabanga ukuthi wayezithanda kanjani izindaba zeBhayibheli ezincane ayemtshela zona ngaphambi kokuba ahambe ayolala, njengoba ekugcineni wayezomdonsela esifubeni sakhe futhi amthunduzele ukuba alale. Futhi enye yezindaba ayevamise ukuzithanda, kwakuyindaba ebengbhekisela kuyo nje esikhashaneni esedlule, yomfana omncane u-Elisha amvusa kwabafileyo.

¹⁰⁸ Ukuthi unina wayevame ukumcaphunela kanjani leyondaba, futhi athi, “Bartimewu, kwakukhona owesifazane omkhulu,

wayengumShunemi, futhi wayehlala ezansi eShunemi. Futhi wayenokukholwa encekwini kaNkulunkulu eyayibizwa ngo-Elisha, lowo omkhulu, umprofethi onamandla.

¹⁰⁹ “Wayengena endlini yakhe kaningi, futhi ngoluny’usuku, wathi kumyeni wakhe, ‘Siyabona ukuthi lomuntu ofika ngalendlela ungumuntu ongewele, uyindoda enkulu, ngoba uNkulunkulu wenza izibonakaliso ezinkulu nezimanga ngaye. Ngakho ngiyakuncenga, masibonise umusa kuye ngokuthi sizakhele eceleni kwendlu yethu, sakhele yena, njalo, indlu encane ukuze ame futhi aphumule.”

¹¹⁰ Manje sengiyambona ethi kuBartimewu, “Uyabo, Bartimewu, sifanele ukuphatha bonke abantu kahle, asifanele ukuba sibe babi kunoma ubani, futhi, ikakhulukazi, sifanele sazise ngenhlonipho futhi sihloniphe abendlu kaNkulunkulu. Ngakho lona wesifazane, wayeqinisekile ukuthi lendoda eyayimvakashele yayingomkhulu, umprofethi onamandla weNkosi.

¹¹¹ “Futhi ngakho, umyeni wakhe wakuvuma. Futhi ngenkathi u-Elisha noGehazi, inceku yakhe, bedlula futhi, kwakukhona elihle, ikamelo elincane elakhelwe lona uqobo eceleni kodonga, imbiza encane enamanzi phakathi kuyo, nombhede omncane, nesenabelo sezinyawo, nendawo yakhe yokuphumula. Wayesindleleni yakhe eya emgedeni phezulu eNtabeni iKameli, lapho ayehamba khona ukuyozila ukudla futhi akhuleke ngezinsuku ezithile, njengezinyanga ezintsha namaholide, ngaphambi kokuba umprofethi akhulume ezitaladini.

¹¹² “Futhi ngenkathi u-Elisha engena futhi wabona konke lokhu lona wesifazane onomusa ayekwenzile, ngani, wathumela uGehazi phakathi, futhi wathi, ‘Hamba umbuze ukuthi besingamenzelani. Ngingumngani oqondene nenduna enkulu, futhi ngizokhuluma nenkosi futhi. Ngingamkhulumela na?’

¹¹³ “Futhi ngenkathi u-Elisha embuza lokhu, ngani, wathi, ‘Qhabo, ngihlala nabantu bakithi.’ Futhi o, wayengowesifazane onothile, babengaswele lutho, babene... wayekwenzile nje ngobuhle benhliziyo yakhe.”

¹¹⁴ Futhi yileyo ndlela enifanele nenze ngayo noma yini lapho niyenzela uNkulunkulu, yenzeni ngobuhle benhliziyo yenu. Lapho unikeza noma yini, yinikeze ngokusuka enhliziyweni yakho, uma ungenakukwenza lokho, khona-ke ungakwenzi, ngoba isiphiwo sakho ngeke sihlonishwe kuNkulunkulu. Futhi nje ukwenze ngokulunga kwenhliziyo yakho.

¹¹⁵ “Awu, futhi ngenkathi inceku ibuya yase ithi kumprofethi, ‘Awu, akadingi lutho, konke kuhamba kahle kuye. Kodwa ngizokutshela into eyodwa, useyaguga kancane, nomyeni wakhe useyindoda ekhulile, futhi abanabantwana.’

¹¹⁶ “Akungabazeki ukuthi umprofethi wabona umbono, ngoba akukho umprofethi, kumbe noma ubani omunye, owake wenza

noma yini yeNkosi, ngenxa yeNkosi kanjalo, ngaphandle kokuthi kube ngombono.” Manje khumbulani, kunjalo, tholani noma yiyiphi indawo emBhalweni kumbe nomaphi, kuhlala njalo kuqala, uNkulunkulu uyabatshela. UNkulunkulu... Umuntu angeke enze lutho ngokungahleliwe, uyinceku kuNkulunkulu.

¹¹⁷ Ngisho noJesu Kristu wathi, “Angenzi lutho ngokwaMi, kodwa lokho eNgibona uBaba ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza,” uJohane oNgewele 5:19. Futhi uma iNdodana kaNkulunkulu yayingenze lutho ngaphandle kokuba uYise aYibonise kuqala, ngaphansi kangakanani thina ngaphandle kokuba uNkulunkulu esikhombisa kuqala na? Ngakho-ke, ngesibindi sigxumela ezintweni ngesinye isikhathi singazi ukuthi senzani. Kodwa lapho uNkulunkulu enikeza umbono, futhi ekhuluma, futhi akhombise khona impela Azokwenza, kungumdlalo wasesiteji nje ukukudlala, yilokho kuphela, ngoba uNkulunkulu uzokwenza, Usevele usho njalo, ngakho lokho kuyakunakekela.

¹¹⁸ “Manje, ngakho wathi, ‘Hamba ubize umShunemi.’ Futhi wama emnyango, wayesethi, ‘Ngokwesikhathi sokuphila, uzogona umntwana.’

¹¹⁹ “Manje, wathi, ‘Sengimdala.’ Kodwa amazwi ka-Elisha afezeka impela nje njengoba asho, ngokuba esikhathini esithize sezinyanga, wasingatha ethandekayo, ingane yomfana omncane.”

Futhi sengiyawabona amehlo amancane kaBartimewu, athi, “Ngabe wayemthanda, Mama, njengoba ungithanda na?”

¹²⁰ “Yebo, njengoba nje ngikuthanda. Wayengomuhle, umfana omncane, wacabanga omuhle kunabo bonke owayekhona ezweni, njengoba ngicabanga ngani, njengabo bonke omama becabanga ngezinyane zabo.

¹²¹ “Futhi—futhi ngoluny’usuku, ngenkathi lomfanyana esekhule cishe waba seminyakeni eyishumi noma eyishumi nambili ubudala, yayephandle noyise ensimini, ngoba uyise wayeyisicebi, isivuno sasiqhubeka, ngakho wayephandle ensimini noyise. Futhi ngicabanga ukuthi umfanyana kufanele ukuthi wayekade enokuguliswa yilanga, uqala ukukhala, ‘Ikhandi lami, ikhandi lami!’ Kwakungesikhathi sasemini.

¹²² “Futhi enye yezinceku yangenisa umfana omncane, futhi wahlala emathangeni kanina kwaze kwaba phakathi nemini, nomfanyana waba mubi kakhulu, futhi waya ngokugula, futhi waya ngokugula, kwaze kwathi emva kwesikhashana, umfana omncane wafa.”

¹²³ Ngifuna nibhekisise, lokho lapho uNkulunkulu eqala ukusebenzana nomuntu, benza izinto ngesinye isikhathi abangaqondi ngisho nokuthi benzani. “Wathatha lowomfanyana, wayesemlalisa embhedeni womprofethi.”

Indawo enje pho yokumbeka! Kunjalo impela nje. “Umbeka embhedeni womprofethi lapho ayakhe khona lendlu encane, futhi wayethathe futhi wabeka umfana omncane embhedeni womprofethi, futhi wathi encekwini, ‘Bophela umnyuzi omncane bese uya phambili. Ungahloli, ngaphandle uma ngikuyala.’

124 “Umyeni wakhe wathi, ‘Ungenyukeli eNtabeni iKameli, akusiyo inyanga entsha noma iSabatha, umprofethi angeke abe lapho.’

125 “Kodwa leyonhliziyo kamama ngengane yakhe, waye—wayesosizini, futhi wayazi uma eke wafika kulowomprofethi, ukuthi wayezothola ukuthi kungani uNkulunkulu ethathe ingane yakhe. Uma uNkulunkulu wayengatshela umprofethi ukuthi wayezoba nengane, futhi wabanayo, impela, uNkulunkulu ubengakwazi ukusho ukuthi kungani ethathe ingane. Wathi, ‘Konke kuhamba kahle. Qhubeka.’

126 “Futhi inceku yaqhubekela eNtabeni iKameli, no-Elisha wayelapho. Wama phandle emnyango womgede, wabuka ngaphandle, wayesethi, ‘Nangu eza lowomShunemi.’ Futhi wathi, ‘Ukhathazekile, kodwa uNkulunkulu ungifihlele khona, Akakaze angitshela ukuthi u... inkathazo yakhe imayelana nani.’”

127 Niyabo, uNkulunkulu akazitsheli izinceku zaKhe konke Akwenzayo, Uyazazisa nje lokho Afuna zikwazi. Niyabo? KukuNkulunkulu. Kwakukhona lendoda enkulu, kodwa yayingazi ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

128 “Futhi ngakho, wathi kuGehazi, ‘Gijima uphume umhlangabeze, futhi uthi, “Nisahlezi kahle na?”’

129 “Futhi wathi, ‘Usahlezi kahle na? Indoda yakho isahlezi kahle na? Indodana yakho isahlezi kahle na?’”

130 Buka lowo wesifazane: “‘Konke kuhamba kahle.’” Amen! Ngiyakuthanda lokho. Kungani na? Ingane yakhe ilele iyisidumbu, umyeni wakhe esonta izandla zakhe futhi edazuluka, ehla enyuka egekeni, kodwa, “Konke kuhamba kahle.” Ngiyakuthanda lokho.

131 Inhloso yakhe kwakungukungena ebukhoneni balomprofethi owayenogcobo lweNkosi phezu kwakhe, futhi wayazi ukuthi lowomprofethi wayezokwazi ukuthi enzeni, ukuthi amtsheleni. Wayazi ukuthi wayezoba no ISHO KANJE INKOSI ngaye, futhi ngakho, “Konke kuhamba kahle.” Uma uNkulunkulu ethathe ingane, kulungile, inqobo nje uma kwakuyicebo likaNkulunkulu. “UNkulunkulu uphile, uNkulunkulu uthathile, malibongwe iGama leNkosi.” Niyabo? Kodwa wayefana ukwazi ukuthi kungani. Ngabe kwakuyinto ayeyenzile, noma yini eyayingalungile na?

132 “Futhi ngenkathi egijimela phezulu onyaweni luka-Elisha futhi wawa phansi ezinyaweni zakhe, futhi ngakho uGehazi

wacabanga ukuthi lokho kwakungukungaziphathi kahle okuncane kowesifazane ukuba awe ezinyaweni zenkosi yakhe, ngakho uyamdluthula uyamphakamisa. Futhi ngakho, khona-ke uqala ukwembula kuye ngengane efile.

¹³³ “Manje, wathi kuGehazi, ‘Thatha udondolo lwami, bese uya phambili, bese ulubeka phezu kwengane, futhi uma noma ubani ekhuluma nawe, ungakhulumi kubo, omunye umuntu uyakubingelela,’” (Lokho ngukuthi “Sawubona?”) “‘ungasho-zwi, vele ubeke umqondo wakho ekuthatheni loludondolo uluyise enganeni bese uqala ukuhamba.’”

¹³⁴ Ngiyakuthanda lokho. Asinaso isikhathi sokuzikhohlisa, uMlayezo uyaphuthuma, abantu bayafa, asiqhubekele phambili.

¹³⁵ “Futhi wathatha udondolo wayesesuka ehamba.”

¹³⁶ Manje, ngikholwa ukuthi uma owesifazane ubeyokholwa ukuthi lokho bekuyowenza umsebenzi, bekuyowenza, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungekho odondolweni, kwakukumprofethi, “Ngakho wathi, ‘Kuphila kweNkosi, uNkulunkulu wakho, futhi engafi, nomphefumulo wakho awufi neze, angizukukushiya, ngizohlala khona lapha.’”

¹³⁷ O, ngiyakuthanda lokho. Bамbelela kukho. Lapho ubambelela kuNkulunkulu ngento ethize, ungededeli. Kunjalo. Uma uthatha uJesu abe nguMphulukisi wakho, ungavumeli-develi, akukho okunye okuke kukuhlehli kukho, bambelela, “Ngizohlala nakho, ngihlale khona lapho.”

¹³⁸ “‘Kuphila kweNkosi, uNkulunkulu wakho, nomphefumulo wakho ungafi neze, angiyikukushiya ngize ngithole ngengane.’”

¹³⁹ Awu, u-Elisha akakwazanga ukumsusa, ngakho yileyondlela ofuna ukuba ngayo ngoJesu. Ufuna nje ukuba sezandleni zaKhe, uhlale lapho nje, umemeze imini nobusuku, yileyondlela. Yebo, mnumzane. Ningadedeli, ningahleli nakancane, uma nikukholwa, hlalani lapho. Kukhona umusa eNkosini. Hlala nakho.

¹⁴⁰ Ngakho, ngicabanga ukuthi yingakho uMariya, noma, uMarta kwakunguye, owaphuma ukuyohlangabeza uJesu, wayazi, wayefunde leyondaba yengane yaseShunemi, wayazi uma uNkulunkulu wayekumprofethi, ngempela uNkulunkulu wayeseNdodaneni yaKhe. Futhi wayazi ukuthi wayezosithola isicelo sakhe, uma wayehambe ngendlela efanele yokusondela. Leyo yinto elandelayo, Abantu basondela kuNkulunkulu ngendlela engesiyo, ufanele uze ngendlela efanele.

¹⁴¹ Esikhathini esingeside esedlule, ngaba nodumo lokukhulekela inkosi. Bakhipe imiphetho emilenzeni yebhulukwe lami, bangitshela ukuba ngingalokothi ngibuyele emuva, ngingamfulatheli, emva komkhuleko nezinto, ukuhlela kuye. Ungalokothi uyifulathele inkosi, leyo yinto enhle kakhulu,

ungalokothi uyifulathele iNkosi yamakhosi khona-ke. Niyabo? Futhi ngukusondela, ukusondela okuthile.

¹⁴² Ezinkantolo, kukhona umahluleli phezulu ebhokisini, futhi uma kukhona okwaziyo emuva lapho, uthi, “Heyi, awume kancane, Mahluleli, ngifuna ukukhuluma nawe umzuzu,” uyobizwa ukuba wehle. Kukhona indlela yokusondela kulowomahluleli, futhi ufanele uze ngaleyondlela yokusondela.

¹⁴³ Futhi kukhona ukusondela ofanele uze ngakho kuNkulunkulu. Uma uza esiphiweni sikaNkulunkulu, ufanele ufike esimweni somqondo esifanele, ufanele uze ngokusondela okufanele, kungenjalo angeke wemukele lutho lapho uza.

¹⁴⁴ Futhi yileyondlela loMarta enza ngayo ngenkathi uJesu efika, wafika ngokusondela okufanele; lona wesifazane waseShunemi, wafika ngokusondela okufanele, enenhliziyo ethwele umthwalo, ilangazelela uNkulunkulu, futhi wabambelela kukho.

¹⁴⁵ “Futhi u-Elisha wathi, ‘Awu, ngizovele nje...’” wabopha izinkalo zakhe, wayesemlandela.

¹⁴⁶ “Wahlangana noGehazi ngenkathi efika lapho endleleni yakhe ebuyayo, wathi, ‘Ngibeke udondolo enganeni, futhi bekungekho kuphila kuyo.’”

¹⁴⁷ Futhi kusobala qha, owesifazane akakukholwanga, ukuba wayekukholiwe, kwakuyokwenzeka. Kodwa wayefuna umprofethi, wayengazi ngodondolo, u-Elisha wayenokukholwa ngalokho, kodwa owesifazane wayenokukholwa kumprofethi.

¹⁴⁸ “Ngakho lapho u-Elisha efika efumbini,” ngifuna niqaphele, akukho-mkhuleko, “U-Elisha waya lapho, ukhuluma ngesimo! Kwakukhona abantu egcekeni, bonke belila futhi beqhubeka, nobaba bonke edabukile kakhulu, nawo wonke umuntu edazuluka. Nengane encane ilele embhedeni womprofethi, kade ifile kusukela ngalolosuku emini.

¹⁴⁹ “Futhi u-Elisha wangena, futhi wahamba waya emuva naphambili,” iBhayibheli lasho eya emuva naphambili ekamelweni. Wayenzani na? Elindele ugcobo. Amen. Ehamba eya emuva naphambili, o, he, nje elindele ugcobo. “Emva kwesikhashana, ugcobo lukaMoya oNgewele lwehlela kuye, wawa wanquma enganeni encane, wabeka izindebe zakhe ezindebeni zayo, ikhala lakhe ekhaleni layo, isiphongo sayo esiphongweni sakhe, futhi walala lapho. Wayizwa, ifudumala, yabuya, yahamba futhi.” O, he! Ngiyakuthanda lokho.

¹⁵⁰ “Ehamba eya emuva naphambili, waze wezwa ugcobo kuye futhi. Ngenkathi ugcobo lufika kuye futhi, wawela phezu kwengane futhi, izindebe zakhe ezindebeni zayo, ikhala layo ekhaleni layo, futhi into yokuqala niyazi, ingane yathimula kasikhombisa futhi yaphila.” Amen.

151 O, uBartimewu omncane wayeyithanda kanjani leyondaba! Ngiyayithanda, nami. “O,” wacabanga, “uyazi ukuthini? Lowomprofethi omkhulu ofanayo, u-Eliya, futhi ngenkathi ekhuphuka, wathumela okuphindwe kabili komoya wakhe phezu kuka-Elisha, no-Elisha wayengumprofethi omkhulu.”

152 Kwase kuthi-ke cishe ngalesosikhathi, kwenzekile wacabanga, “Eminyakeni engeminingi edlule, ukuthi u-Eliya no-Elisha bahamba behla ngalomgwaqo ofanayo lapho engihlezi eceleni kwawo, bebambene ngengalo, behlela eJordani ukuyolihlukanisa livuleke, ukuba bawele.” Amen. O, he!

153 O, umoya wavunguza wayesebeka elakhe elidala, ibhantshi elimanikiniki kakhudlwana, niyazi, uhlobo lwelanga lwaluzungeza ngakolunye uhlangothi lodonga. Ubeyocabanga, “Akungaphezu kweminyaka engamakhulu ambalwa edlule, u-Eliya no-Elisha bahamba behla ngqo kulawamatshe agandayiwe amadala afanayo lapha bebambene ngengalo yabo, behla. No-Eliya wasusa leyongubo wayeseshaya iJordani, wathi. . . neJordani lavuleka, u-Elisha wayithatha, wayesebuya wayeseshaya iJordani, wayesebuya nayo.”

154 O, sengiyamuzwa uBartimewu manje, ememeza kakhulu kuye uqobo futhi ethi, “O, ukuba kuphela ngangiyobe ngihlezi lapha ngaleyonkathi! Ukuba ngangiyobe kade ngihlezi lapha ngaleyonkathi, ngangiyogijima ngiphumele esitaladini, ngase ngithi, ‘O, abakhulu, baprofethi abangewele bakaNkulunkulu, ngikhulekeleni, ukuthi iNkosi uNkulunkulu izongenza ngibone.’ Futhi bebeyobeka izandla zabo phezu kwami, futhi mina, iphupho lami izolo ebusuku ngokuphinde ngibone futhi beliyoba yiqiniso, bengiyokwazi ukubona ngamehlo ami. Kodwa maye, umpristi wami ungitshela ethempelini ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

155 O, kwakunini lapho “Izinsuku zezimangaliso selwedlule”? Lapho usuku lwezimangaliso selwedlule, usuku lukaNkulunkulu selwedlule, ngokuba uNkulunkulu uyizimangaliso. Impela, izinsuku zezimangaliso azisoze zedlula, azikaze zedlule futhi azisoze zedlula.

156 “Kodwa basho ukuthi i—izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

157 Cishe ngalesosikhathi, uzwa u—ukuqoqoza okuncane kuza kwehla ngesitaladi. Walalela. “Kufanele kube yi. . . Ngumnyuzi omncane, kukhona umuntu ogijima ngaphambili efake amasandali, kufanele kube yisicebi esizayo.” Wayengaboni, kodwa wayezwa. “Kufanele kube yisicebi, ngoba ugibele umnyuzi.”

158 Ngakho wasukuma edwaleni lakhe, wathi, “Ngisize! Ngi. . . Igama lami nginguBartimewu, ngiyimpuphethu. Nginentombazane encane ekhaya, unkosikazi. Ngiyacela, ungangipha isipho na? Ngi—ngi—ngibe lapha sekuleyithi kakhulu kulokhu ukusa.”

Nenceku yama, yase ithi, “Nkosi?”

¹⁵⁹ Futhi kwenzeka ukuthi, umfo lapho wathi, “Lalela, suka endleleni yami malalepayipini, sinxibi. Ngingumpristi, ngisendleleni yami ezansi lapha ukuhlangabezana nenhlangano yabefundisi. Kukhona umprofethi owuhlanya ezweni, ozisho ukuthi ubona imibono, kanjalonjalo, futhi aphulukise abantu abagulayo, kanjalonjalo, ungumprofethi owuhlanya ovela eGalile. Ngizohlangana nenhlangano yabefundisi ukubona ukuthi akukho nokukodwa kwalobo buhlanya okuke kuqale ngaseJeriko lapha. Suka endleleni yami! Ngisendleleni yami.” Mm! “Ngiyincede yeNkosi,” (Nesimo sokuziphatha esinjalo!) “endleleni.”

¹⁶⁰ UBartimewu wathola indlela yakhe ebuyela emuva futhi wathola idwala lakhe futhi, kodwa u, niyazi, ilanga lalihambe lazungeza olunye uhlangothi kancane, futhi li—futhi lathi ukuba nomthunzi lapho, ngakho wa—waphuma elangeni futhi, wazitholela elinye idwala wayesehlala phansi, wadonsa ingubo yakhe futhi.

¹⁶¹ Wacabanga, “O, bekungekule lokho ukucabanga emuva ngisengumfanyana, ngenkathi umama wayesebenzisa...? O, yebo, ngiyakhumbula futhi, wangitshela ukuthi uJehova omkhulu wabahola kanjani abantwana bakwa-Israyeli, abantu bami, ngaleya kulelizwe lesethembiso, ngezindaba ezinkulu azixoxayo ukuthi uJehova wanisa kanjani isinkwa siphuma eZulwini futhi wabondla, ukuthi Wabangela kanjani umoya omkhulu ukuba uvunguze ezagwaceni, ukuthi Wakhapha kanjani amanzi eDwaleni. O, kwenzekeni kulowoJehova omkhulu na?”

¹⁶² “Kodwa umpristi ungitshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedule, ngakho akukho engingakwenza ngakho. O, ukuba nje ngangiphile ngalolosuku! Ukuba ngangiphile kuphela osukwini lapho uJehova wayephila ngempela, futhi lapha emhlabeni nabantu baKhe! Kodwa bangitshela ukuthi lokho sekuphelile, ngakho mina, akukho engingakwenza ngakho.”

¹⁶³ Futhi lapho ehlezi lapho, uqala ukucabanga, “Yebo, futhi ngiyalikhumbula iqhawe elikhulu, uJoshuwa, ukuthi umama wami wayevamise kanjani ukuthi, ‘S’thandwa, ngaphesheya nje *lapho*, nje ezibukweni khona ezansi lapho ngezansi komuzi, uJoshuwa, iqhawe elikhulu elinamandla elathatha indawo kaMose...”

¹⁶⁴ Umfanekiso kaMoya oNgewele manje, uthatha... Niyabo, uMose akazange abangenise abantwana ezweni lesithembiso, wayengumnikezeli-mthetho, kodwa akabangenisanga abantwana ezweni lesithembiso, uJoshuwa wabawelisa. Niyabo? NoMoya oNgewele yiWo obaweliso manje. UKristu wenza indlela namacebo, futhi wayenguMnikezeli womthetho, kanjalonjalo, kodwa uMoya oNgewele uthatha iBandla uliyise

ezweni elithenjisiwe, uHlwitho, uLikhuphula, uMoya oNgcwele oHlwithweni.

165 “Nokuthi kanjani ukuthi uJoshuwa, iqhawe elikhulu, lama ezingwini laphaya emva kokuba esebone uNkulunkulu ehamba noMose, futhi wama lapho, futhi kwakulapho ngenyanga ka-Aphreli,” unina wamtshela, “futhi onke amanzi eqhwa phezulu eJudiya ezintabeni ayencibilika, neJordani lalinqamula le emathafeni lapha. Kodwa uJoshuwa omkhulu wama ngakolunye uhlangothi, futhi wabona uNkulunkulu, futhi Wamtshela ukuba aqoqe abantu ndawonye, futhi abe nabo ukuba bazingcwelise, ukuba bazilungiselele, ngoba Wayezovula iJordani. Nokuthi uJoshuwa omkhulu wambeka kanjani uNkulunkulu kuqala, wabeka abapristi nomphongolo wesivumelwano kuqala.”

166 Leso yisifundo sangempela, ngifisa sengathi besinesikhathi sokuhlala kuso isikhashana. Beka uNkulunkulu kuqala uma ufuna ukubona into ethize. Uma udokotela ekutshela ukuthi yena wenze konke angakwenzela khona, indoda ithembekile, khona-ke uma esenze konke angakwenza, khipha uNkulunkulu lapho manje. Beka uNkulunkulu lapho futhi uMgcine lapho. Thatha uNkulunkulu abe nguMphulukisi wakho, futhi ubone ukuthi Wenzani.

167 Udokotela unomkhawulo, uNkulunkulu akanamkhawulo. Udokotela angenza noma yini . . . Anga—angasebenza emizweni emibili: lokho angakubona, nalokho angakuzwa, emibili kuphela yemizwa yakhe ezomemezela noma yini. UNkulunkulu, he, U—U—Uyimithombo engasetshenzisiwe, Unazo zonke izinto, Angakhuluma iZwi nje, futhi kuzoba njalo. Beka Yena kuqala.

168 “Khona-ke baya eJordani, iJordani lavuleka.”

169 Futhi wacabanga, “Uyazi, lona impela itshe engihlezi kulo manje, amandla kaNkulunkulu azamazamisa isiqongo sodonga, alwephula, lona impela itshe engihlezi kulo, amandla kaNkulunkulu alinyakazisa lasuka odongeni lapho, ngabantu bememeza futhi bedumisa uNkulunkulu, izindonga zaseJeriko zawa cababa phansi, olunye phezu kolunye.” Ukumemeza okuncane kuyasiza kanye ngasikhathi, ngiyakholwa, kuyasiza ngempela. “Futhi ku. . . Futhi ngenkathi bebetha icilongo, abantu bamemeza, izindonga zawa. Futhi ukucabanga ukuthi yona impela. . .”

170 Wena uthi, “Awu, ngifisa sengathi ngingaya laphaya futhi ngihlale phezu kwelinye lalawomatshe?”

171 Sona impela isihlalo ohlezi kuso siyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe; wona kanye umhlaba ohamba kuwo uyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe; uthuli emhlabathini yiZwi likaNkulunkulu. Amen. O, he! Lesisakhiwo siyiZwi likaNkulunkulu, lelideski liyiZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu walidala, Walidala ngeZwi laKhe uQobo.

¹⁷² Kwakungekho lutho lokukwenza ngakho, Wathi, “Makube-khona,” futhi Walikhohwa iZwi laKhe uQobo, futhi kwabakhona izwe eliba khona. O, he! Sengilungele ukuphanyeka umphefumulo wami kunoma yisiphi isigaba saLo, futhi ngithi Liyiqiniso. Yebo, mnumzane. Wathi, “Makube-khona,” futhi kwabakhona, ngoba UnguNkulunkulu, Wenza iZwi laKhe uQobo lifezeke. Usalokhu enza iZwi laKhe uQobo lifezeke, Wayekwenza njalo, futhi Uzokwenza njalo. Uzoma ngaseZwini laKhe, lokho uNkulunkulu akuthembisayo, uNkulunkulu uzokwenza.

¹⁷³ U-Abrahama wagobala ezweni labezizwe iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, eguga ngaso sonke isikhathi, amashumi ayisikhombisa nanhlanu ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze ambize. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁷⁴ Ungathini nje ikhehla nesalukazi kanjalo behlela ehhovisi likadokotela, futhi bethi, “Awu, Doc, sifuna ukwenza amalungiselelo nesibhedlela, sizoba nengane?”

Wayeyothi, “Umfo omdala bandla, kukhona okungalungile ngaye.”

¹⁷⁵ Yileyondlela lonke ikholwa leqiniso kuNkulunkulu elicatshangwa ngayo. “Ya, cabanga ukuthi kukhona okungalungile. . .” Kukhona okungalungile, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni; wedlulile ezintweni zezwe waya ekukholweni izinto zikaNkulunkulu.

¹⁷⁶ UmKristu ubuka okungabonwayo, hhayi lokho akubonayo, ubuka lokho angakuboni. Awuboni ngamehlo akho, empeleni, ubona ngenhliziyo yakho. Kunjalo. Ubuka ngamehlo akho, ubona ngenhliziyo yakho. Kungokweqiniso.

¹⁷⁷ Awu. . . Uyaqonda. Ukubona kungu “kuqonda.” Ubuka ngqo into, bese uthi, “Angiyiboni.” Uchaza ukuthi awuyiqondi; lelo yigama langempela lakho.

¹⁷⁸ Manje, khona-ke u-Abrahama, waphuma, wayesethi, “Sara, sizoba nengane. Ngifuna uhambe manje, futhi sizothenga inqwaba yezingubo ezimbalabala nophini, futhi senze amabhuzu amancane, silungele.”

¹⁷⁹ Inyanga yokuqala yedlula: “Abrahama, akukho kwehluka.” Niyabo, wayesedlule kude le ukuya esikhathini ngaleyonkathi. Wathi, “Akukho kwehluka.”

¹⁸⁰ Inyanga yesibili yedlula: “Akukho kwehluka, Abrahama. Kuyafana nje njengoba kwakunjalo.”

“Haleluya! Uzoba nengane, noma kanjani.”

“Wazi kanjani na?”

“UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula.”

¹⁸¹ Unyaka wedlula: “Kukhona okwehlukile, Sara na?”

“Qhabo, akukho okwehlukile.”

182 “Udumo kuNkulunkulu! Sizoba ne . . . Kuzoba yisimangaliso esikhulu kunoma kwakunjalo uma kwenzeka ngonyaka odlule. Ngimdala manje ngonyaka, nginamashumi ayisikhombisa nesithupha wena unamashumi ayisithupha nesithupha. Haleluya! Isimangaliso esikhulu kunoma besingaba naso ukuba besisebasha ngonyaka. Akukabi nakwehluka namanje na?”

“Akukho kwehluka.”

183 Iminyaka eyishumi yedlula: “Akukho kwehluka okwamanje.”

“Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani.”

184 Futhi sifanele ukuba ngamadodana namadodakazi ka-Abrahama, lowo ngabantwana baka-Abrahama, futhi uma kungenzeki emizuzwini emibili emva kokuba sesikhulekelwe, sithi, “O, angikutholanga.” O, niyizaba ezimpofo ngendodana nendodakazi ka-Abrahama kanjalo.

185 U-Abrahama, futhi esikhundleni sokuba abe buthakathaka, iBhayibheli lathi waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi, waya ngokuqina. Ngenkathi eseneminyaka eyikhulu ubudala, wayesalokhu edumisa uNkulunkulu. wayezoba nayo, futhi waba nayo. Babenalomntwana, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

186 UNkulunkulu uzofanele athathwe eZwini laKhe. Okushiwo nguNkulunkulu kuyafezeka, akunandaba ukuthi kude kangakanani, ukuthi kuyini, uNkulunkulu washo njalo, futhi bambelela kukho nje. Yilokho kuphela. Hlala nakho nje, kuzokuletha wedlule.

187 Kwakukhona uBartimewu ehlezi lapho, wacabanga, “O, uma lona kanye lelidwala elilenga odongeni, namandla kaNkulunkulu ngabantu bememeza, lawa odongeni, into emangalisa kanje pho!” ufanele ukuthi wacabanga. “Leyo kwakuyinto emangalisayo. O, ukuba ngaphila kuphela ngenkathi uJoshuwa ewela leloJordani, ngangiyogijimela phandle lapho ngiye kuJoshuwa, futhi ngithi, ‘Joshuwa, wena qhawe elikhulu likaNkulunkulu, ngiyazi ukuthi uyindoda kaNkulunkulu, uNkulunkulu ukubizile, u—uyindoda enkulu. Yiba nomkhuleko wamehlo ami aphuphuthekile, Joshuwa. Futhi ngi—ngiyazi ngizobona uma nje uzongikhulekela.”

188 Kodwa maye, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule,” kwasho ibandla lakhe. “Asisenakho lokho. UNkulunkulu akasaphulukisi, Akazenzi izimangaliso, UnguNkulunkulu nje. Usibheke ukuba sibe ngabefundisi basesontweni abakahle kakhulu, futhi sibe nemfundo enhle, futhi bazi ukuthi ukhuluma kanjani kubantu, futhi bathi ‘Amen,’ kahle ngempela, futhi uyazi, nezinto ezinjengalokho, no—nobuhlakani.”

189 Lokho kunento efanayo namhlanje, akukashintshi nakancane. Niyazi, u—udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa

neze umoya wakhe; noNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze umoya waKhe. Ngakho kusenempi ezidalweni ezingabantu ngokufanayo nje. Omunye uzothi...o, ekholwa impela, njengo-Esawu noJakobe kanjalonjalo, niyazi, bekholwa impela, kodwa noma kunjalo abakukholwa okungaphezu kwemvelo. Kodwa lapho kufika okungaphezu kwemvelo, kuguqula izinto. UNkulunkulu ufika phakathi kwabantu qobo lwaKhe futhi Azikhombise ukuthi UnguNkulunkulu, ukuthi UnguJehova.

¹⁹⁰ “Kwase kuthi-ke uJoshuwa, emva kokuza ngapha, ngolunye usuku wayehambahamba ebuka izindonga, ebona ukuthi zaziwugqinsi kanjani nokuthi zazizinkulu kanjani, ezungeza, futhi wabona iNdoda. NeNdoda yahosha inkemba, yase iqala ukuya kuJoshuwa. NoJoshuwa wahosha inkemba yakhe, wayeseqala ukuhlangana neNdoda, uJoshuwa wathi, ‘Ungakithi na? Uyisitha sethu na?’

¹⁹¹ “NeNdoda eyayihoshe inkemba, yathi, ‘Qhabo, ngiyiNduna yebandla leNkosi.’

¹⁹² “UJoshuwa omkhulu wawisa inkemba yakhe, walahla isigqoko sakhe, wabeka phansi isihlangu sakhe, wakhothama phansi onyaweni lweNdoda, iNduna yebandla leNkosi.” O, he! “NgiyiNduna yebandla leNkosi.”

¹⁹³ UBartimewu oyimpumputhe ufanele ukuthi washo lokhu: “O, cabangani, leyoNdoda yama kungengaphezu kwamayadi ayikhulu ukusuka lapho engihlezi khona. Ukuba ngangiphile kuphela ngaleyonkathi, ngangiyogijimela kuleNduna yebandla leNkosi, ngase ngithi, ‘O Kaputeni oMkhulu webandla leNkosi, buyisela ukubona kwami kimi ukuze ngibone ukuphilisa umndeneni wami.’ Futhi iNduna yebandla leNkosi yayiyongibuyisela ukubona kwami. Kodwa maye, bathi izinsuku zezimangaliso selwedlule.”

¹⁹⁴ Wayengazi, wayengazi, ukuthi ngaphansi kwamayadi ayikhulu kwakumi uKaputeni ofanayo, eza futhi eGameni leNkosi endleleni yaKhe.

¹⁹⁵ Yilokho engikucabangayo manje, lababantu abasemibhedeni, nasezihlalweni, nabanenkathazo yenhliziyu, nanoma yini eninayo, nomdlavuzo, leyoNduna efanayo yebandla leNkosi ikhona lapha, kulobubusuku, esimweni sikaMoya oNgewe. Uma nje nivula amehlo enu futhi nibuke, ukuqonda kwenu, ukuze nibone ukuthi Uphakathi kwethu.

¹⁹⁶ Qaphelani, into yokuqala niyazi, wezwa umsindo uza. Niyazi kukhona into ethize exakile, yonke indawo lapho othola khona uJesu, njalo uthola inqwaba yomsindo, angazi ukuthi kungani kwaba njalo. Futhi akukaze kuguquke, usathola inqwaba yomsindo lapho Ekhona.

¹⁹⁷ Ngesinye isikhathi bazama ukubenza banganyakazi, Wathi, “Uma bethula, lawomadwala ngokushesha azomemeza.” Into ethize ngakho enomsindo.

¹⁹⁸ Futhi wezwa umsindo uza, nabanye babo babecula, “Hosana, hosana kuYe ozayo eGameni leNkosi!” Abanye babebhuqa, behlekisa. Baphuma esangweni.

¹⁹⁹ Nakhu kufika iNsizwa iseminyakeni yayo engamashumi amathathu, ihamba ikhanda laYo libheke ngaseJerusalema, imithwalo yezwe, zonke izono zezwe zibekwe kuYo. Leyo kwakuyiNduna yebandla leNkosi, lowo kwakunguYe ofanayo owayenoJoshuwa ngaleya ehlane...noma, enoMose ehlane, lowo kwakunguYe ofanayo ono-Elisha emuva lapho owavusa ingane; iNduna efanayo eyayinoJoshuwa, iNduna efanayo elapha kulobubusuku, Ofanayo ozoba nguye phakade naphakade iNkosi uNkulunkulu ofanayo, Akaguquki, iNduna efanayo yebandla leNkosi.

²⁰⁰ Futhi nangu Wayehamba. Futhi ngiyabezwa abantu bempongoloza, “Hheyi, wena! Ake sikubone wenza isimangaliso. Ake sikubone wenza isimangaliso, sifuna ukusibona, siyezwa ukuthi wenza izimangaliso.” Lapho wena uza waba bantu besho lokho, uyazi ukuthi hlobo luni lomoya abanalo, ngudeveli.

²⁰¹ Bukani ukuthi uJesu, ngenkathi Ethola...ngenkathi i... uSathane waMthatha wamyisa ehlane, wathi, “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, phendula lamatshe abe yisinkwa. Ulambile, futhi ufuna okudliwayo, ngakho yenza nje lamatshe isinkwa uma uyiNdodana kaNkulunkulu, kuzongenza ngikukholwe, uma nje uzokwenza lokho.”

²⁰² UJesu akamnaki udeveli; akukho-nceku kaNkulunkulu enaka udeveli. UJesu wathi, “Kulotshiwe, ‘Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso.’”

²⁰³ Ngenkathi benaYe e—emageckeni ezinkantolo zamaRoma, bamboza ngendwangu ebusweni baKhe base bethatha induku baMshaya phezu kwekhanda laKhe, bathi, “Manje, bathi ungumprofethi, ukuthi ungasho izinto oku...okwenziwe ngabantu, nalokho abantu abazokwenza, manje sitshele ukuthi ubani okushayile, sizokukholwa.”

²⁰⁴ Wayengakwenza, kodwa Wayeyobe enaka udeveli. Akakwenzanga, Wavele nje wahlala lapho futhi akazange awuvule umlomo waKhe. Nendwangu izungeze ubuso baKhe, futhi baMshaya, yathi, “Ungumprofethi, e? Sitshele ukuthi ubani okushayile manje, sizokukholwa.”

²⁰⁵ Lowodeveli ofanayo uhlala kubantu namhlanje. Uthi, “Uma u...Uma kukhona uNkulunkulu, uMphulukisi...Uma lomfo enesiphiwo sokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, yehla, uphulukise lona *lapha*, angikubone, ngizokukholwa. Ake ngibone.” Niyazi, amabandla akhipha lolohlobo lokusakazwa

kwenkulumo-ze. Khumbulani nje, lowo ngumoya, umoya ofanayo.

²⁰⁶ Labobapristi bathi, “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni manje, donsа ukhulule izandla zakho bese uyehla, futhi—futhi sizokukholwa.” Ngani, Wayengakwenza lokho ukuba Wayefuna.

²⁰⁷ Niyazi, baMnika udumo olukhulu ukwedlula konke lapho Ake aMnika lona, uKayafase, umPristi oMkhulu, bona bathi, “Wasindisa abanye, angezisindise yena.” Lokho kwakungukuhlonishwa. Uma Asindisa abanye, Wa—Wayengeke...Uma Azisindisa Yena uqobo, Wayengeke abasindise abanye, ngakho Wazinikela Yena ukuze Asindise abanye. Niyabo? Wadingeka azinikele Yena uqobo ukuze Ezosisindisa. Ukuba Wayezisindise Yena uqobo... .

²⁰⁸ Njengoba uBilly Sunday asho, enye yemibhalo yakhe, enye yezincwadi zakhe ezifundwayo ebengizifunda lapha esikhathini esithize esedlule, yathi, “IziNgelosi zazihlezi kuyo yonke imithi, zithi, ‘Nje susa isandla saKho esiphambanweni bese ukhomba omunye wethu, sizoshintsha lenkundla ngapha.’”

²⁰⁹ Wayengakwenza, naye, kodwa ukuba Wayekwenzile, besiyoba kuphi namhlanje na? Kodwa Walenga lapho nesikhwehlela ebusweni baKhe, nezipikili ezandleni zaKhe, nameva ekhanda laKhe, neGazi lehla nezinyembezi kuxubene, efa njengeselelesi ngoba Wasithanda. Kunjalo. Futhi esinika ithuba lensindiso, esinika ithuba lokukhulekela abagulayo, futhi bayophiliswa, esinika lelothuba, Wakwenzela khona.

²¹⁰ Futhi lapha kwakuyileyoNduna yeNkosi yebandla iphuma. Ngiyamuzwa lowompristi ofanayo osanda kukhuluma naye esikhashaneni esedlule, futhi wathi, “Suka endleleni. Asifuni nayinye yalezozinkonzo zokuphulukisa edolobheni lakithi, isigejane sabantu sonke sishukumile, nakho konke kanjalo, esigejaneni sobuhlanya, omunye umprofethi waseGalile wazalwa ngokuzalwa ngaphandle komshado. Futhi akazange aye ekholiji lethu, akazi lutho ngezikole zethu, akazange abe ngowehlelo lethu, asazi lutho ngaYe. Sizovele nje siyimise leyonto, asizukuzihlanganisa ngalutho nalokho, ngeqinisekile ngalokho.”

²¹¹ Sizwa lowompristi ofanayo ethi, “Hheyi! Siyaqonda ukuthi wavusa umuntu othiwa uLazaru, sinawo wonke amathuna agwele bona phezulu lapha, phuma futhi uvuse omunye wabo. Yenyukela lapha emmangweni, kade sibangwaba phezulu lapho amakhulu eminyaka, yenyukela lapha futhi uvuse omunye wabo, sizokukholwa.”

²¹² Kodwa niyazi ukuthini? Akazange akunake nakanye. Wayesindleleni yaKhe eya eJerusema ukuba anikelwe njengoMhlatshelelo, wonke umthwalo wezwe phezu koMphfumulo waKhe oligugu. Wayebhekene neJerusema,

enyuka ngqo entabeni ngaleyonkathi eya eJerusalema ukuba abethelwe, ngalabobantu abafanayo owayehlekisa ngaYe. BabeMjikijela ngesithelo esivuthwe ngokweqile noma amaqanda, behlekisa ngaYe, beMxosha emzini. Kodwa Akazange akunake nakancane, Wavele nje waqhubeka.

²¹³ UBartimewu wethuka, wathi, “Kumayelana nani konke lokhu na? Yini indaba na? Owani wonke lomsindo omubi engiwuzwayo na?”

Futhi omunye wathi, “Suka endleleni, sinxibi.” Abanye ngalendlela, nangaleyondlela.

²¹⁴ Futhi ekugcineni, ngikholwa ukuthi kufanele ukuthi kwakuyinenekazi elithize eliyigugu, umfo omdala wayekade efuqelwe edwaleni, futhi wathi . . . wathi, “Ulimele, mnumzane na?”

“Qhabo, mem, angilimalanga, kodwa angiqondi, umayelana nani wonke lomsindo na?”

“Ngani,” wathi, “uJesu waseNazaretha, umProfethi waseGalile, wedlula ngalendlela.”

“Owesifazane wami olungileyo . . .”

²¹⁵ Ufanele ukuthi wayengumlandeli kaJesu, ngoba abalandeli bakaJesu uhlala ecabangela, futhi banenhliziyi enomusa futhi bayathanda ukusiza abantu, bathanda ukwenza okuthile ukusiza omunye umuntu, bonke abalandeli bakaJesu benza ngaleyondlela. Noma ngabe abantu abadala bezama ukuwela umgwaqo, umlandeli kaJesu akadluli nje futhi abayeke bame lapho ukuba bashayiswe, uyama futhi abasize ngaphesheya kwesitaladi; futhi uma bebona umuntu omdala ozihluphekelayo nesixheke esikhulu segrosa, umlandeli kaJesu uyabasiza abaphathele baye ekhaya; futhi—futhi uma bebona umuntu othize edinga, bayahamba babasize, yilokho abalandeli bakaJesu akwenzayo. Banomusa njalo, benezinhliziyi ezithambileyo, bekhombisa uzwelo, benzela omunye umuntu izinto.

²¹⁶ Khona-ke lomlandeli kaJesu wathi, “Ngani, mnumzane, awubaqondi abaprofethi na?”

“Awu,” wathi, “bengihlezi lapha nje ngithi ukuphupha ngalokho abaprofethi ababevame uku . . . lokho umama ayevame ukungitshela khona ngabaprofethi.”

“Awu khona-ke,” wathi, “ufanele uqonde ukuthi kuzobakhona uMesiya ofikayo.”

²¹⁷ “O, yebo, yebo. Siyazi ukuthi kuyobakhona uMesiya ofikayo, ngoba uMose wathi iNkosi, uNkulunkulu wethu, uzovusa umProfethi onjengaye. Futhi wonke umuntu ongamuzwa lomProfethi uzonqunywa kubantu. Uzoba ngumProfethi omkhulu nxa Efika.”

218 “Awu,” wathi, “mnumzane, loMuntu uyilowomProfethi. Ngani, Ubuka phansi phezu kwabantu, Wehlulela imicabango yabo, Ubatshelelana yona impela into esenhliziyweni yabo, Ubatshelelana izinto abazenzile, izinto ezizoba khona, futhi ngaso sonke isikhathi kuphelele.”

“O, uqonde ukuthi leyoNdoda isifikile na?”

“Lowo nguYe edlula.”

“Awu, kungani abantu bempongoloza kanjalo, futhi beqhubeka, futhi behlekisa ngaYe na?”

219 “Ngoba abaMazi. Kodwa siyaMazi, ngoba singamakholwa, siyaMazi, siMlandela nsuku zonke. Siyabhekisisa futhi sibone izimangaliso Azenzayo, futhi siqinisekile ukuthi lona ngu—lona nguMesiya. Ngani, ngaMbona, lapha esikhathini esithile esedlule, ngenkathi Ekhuluma nowesifazane emthonjeni, Wathi, ‘Hamba ulande indoda yakho.’

“Futhi wathi, ‘Anginandoda.’

“Wathi, ‘Usho kahle. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.’

220 “‘Ngani,’ wathi kuYe, ‘Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.’ Ngani, Wa...wathi, ‘Ngi...Siyazi, thina maSamariya siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto.’

“Futhi loMuntu wathi, ‘NginguYe okhuluma kuwe.’

221 “Futhi wagijimela emzini, ethi, ‘Wozani, nibone uMuntu ongitshele engikwenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?’ Futhi wonke umuzi waseSamariya waphenduka.”

“Awusho! Awu, uma EnguMesiya, leyo yiNdodana kaDavide.”

“Yebo, kunjalo, Leyo yiNdodana kaDavide.”

Futhi wamemeza kakhulu, “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!”

222 Iphupho lakhe lalingafezeka manje. Mhlawumbe owakho ubengakwenza, udadewethu osohlakeni, iphupho lakho lokuba nempilo futhi belingafezeka. Okwakho, esihlalweni esinamasondo, okwakho, udliwa nya umdlavuzi, iphupho lakho lokubuyela ebandleni nokuvuselela izifungo zakho noNkulunkulu, mhlawumbe iphupho lakho selizolungela nje ukufezeka. Mhlawumbe leyoNduna yebandla leNkosi iyeza emva kwesikhashana, ngethemba ukuthi Iyeza.

223 “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele! Ngihawukele!” O, Wayengamuzwa ngokoqobo, Wayephandle emgwaqeni, namakhulu abantu ephithizela ezungeza, omunye ememeza into eyodwa nomunye enye. Futhi waphosa emuva ibhantshi lakhe elidala elimanikiniki, wayesempompoloza, “O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele! Ngihawukele!”

224 Ake sithathe nje into encane engikholwa ukuthi wayenza, angazi ukuthi wenzani, sengathi ngiyabona wathi enhliziyweni yakhe, “Uma leyo kuyiNdodana kaDavide, khona-ke ngingama khona lapha futhi ngicele uJehova, uJehova uzokhuluma kuYo.” Kunjalo. “UJehova angaYimisa, ngoba Uyasazi isimo sami. Futhi kade ngihlezi lapha ngilangazelela ukuMbona.”

225 Niyazi, yileyo ndlela yokusondeza uNkulunkulu kuwe, ngukucabanga ngaYe, ukhulume ngaYe. Nje gcina uJesu... Ungakhulumi ngezinto zezwe, khuluma ngoJesu. Yileyo ndlela yokukwenza. Abantu bangahle bacabange ukuthi ungholekisiyo omncane, kodwa lokho kulungile, qhubeka nje, ingxoxo yakho mayibe ngaYe.

226 Lapha, ngifuna ukuma lapha umzuzu. Indodana yami, uBilly, ungalapha ndawondawo, lapha cishe eminyakeni emithathu noma emine edlule, sasisemhlanganweni, futhi u... babedlala uhlobo oluthile lomculo, noma okuthize, sangena emva kwenkonzo eWood River, e-Illinois, futhi sangena ukuba sithole okuthile—ukudla okuthile, futhi babedlala uhlobo oluthile lweculo, angazi ukuthi kwakuyini.

Futhi wathi, “Babayi, akusilo iculo elimnandi lelo na?”

Ngathi, “Liphi iculo na?”

227 Futhi ngiyawenyanya leyomishini ofakwa imali udlale umculo omdadlana, noma ngabe nikubiza ngani. Ngiye esitolo othenga udlele kuso eziningi, ngathi, “Nenekazi, ngizobeka amadola amabili phansi lapha, Nginomndeni wami, uma uzokhipha ipulaki kuleyonto engcolile lapho, ngize ngivumele umndeni wami udle. Vele udonse ipulaki uyikhiphe.”

228 Leyo emidala, umculo wokuzibinya, nodum-dum, futhi njalo lolohlobo lwezinto, kuyihlazo, kungenza ngibe nokwethuka kakhulu, awukwazi ukudla. A—a—anginandaba nakho mina, ngoba nginegiya elincane engingazidonsela kulo, ngilokhu ngicabanga ngoNkulunkulu, futhi angikuzwa nhlobo.

229 Ngakho emva kwesikhashana, wayengashadelwe ngaleyonkathi, ngaphambi kokuba ashadelwe, elinye inenekazi elincane lalithi ngci, futhi wathi, “Babayi, akanazo yini izinwele ezinhle na?”

Ngathi, “Ubani?”

Wathi, “Babayi, konke ocabanga ngakho yiBhayibheli noNkulunkulu.”

230 Ngathi, “Ngiyabonga, S’thandwa, lokho ngukuncoma okuhle kakhulu. Yilokho kuphela engifuna ukucabanga ngakho.” Kunjalo. Cabanga... Uma nje ngingagcina umqondo wami uzinze kuYe ngaso sonke isikhathi, yilokho kuphela okudingekayo.

231 Lapho, wama lapho, futhi wacabanga, “Bengicabanga ngaYe, futhi nangu Useduze kwami manje. Kodwa kuningi

kakhulu phakathi kwami naYe, a—a—angazi ukuthi ngizokwenzani. O Jehova Nkulunkulu, leyo yiNceku yaKho, leyo yiNdodana yaKho. Wena washo, ukuthi “iNceku yaMi, eNgithokozile ngaYo. Ngiyakubeka uMoya waMi phezu kwaKhe, Uzokhombisa ukwahlulela kwabeZizwe; kanjalonjalo. Leyo yiNceku yaKho. O Nkulunkulu, o, makuthi uJesu waseNazaretha, Makakhulume kimi.”

²³² Ciske ngalesosikhathi, Wama. O, he! Wama, waphenduka. Akamuzwanga ngokomzimba, Wayekude kakhulu naye. Uma uke waba seJeriko, buka lapho indawo . . . i . . . lapho kwenzeke khona. Kuso sonke lesosixuku, Wayengeke amuzwe, empeleni. Kodwa awu . . . Akadingi ukuba akuzwe, ngukukholwa kwakho okuMmisayo.

²³³ Bukani owesifazane omncane onompho, eza edabula esixukwini, futhi wathi, “O, uma kuphela ngingathinta ingubo yaKhe, ngizophila.” Futhi wacindezela, waze wathinta umphetho wengubo yaKhe.

²³⁴ Manje, ingubo yasePalastine iyaxega, yingubo ende, futhi inengubo yangaphansi. Manje, bengegeke ngizwe wena uma ubungathinta iphakethe lami, ngokomzimba. Kakhulu kangakanani, ingubo ende exegayo na? Akazange amuzwe ngokomzimba, ngokuba Wa—Wathi, “Ubani oNgithintile na?” Futhi Waqalaza.

NoPetru waMkhuza, wathi, “Awu, wonke umuntu uyaKuthinta. Kungani Usho into enjengaleyo na?”

Wathi, “Kodwa Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi.”

²³⁵ Futhi Waqalaza, wase ebuka ezethamelini, futhi Wathola owesifazane omncane phandle ezethamelini. Futhi Wathi wayenompho, nokukholwa kwakhe kwakumsindisile.

²³⁶ Manje, lowoNkulunkulu ofanayo ezansi lapho, wayazi . . . Ngenkathi WayenguJesu ofanayo enyuka, uBartimewu oyimpumpethe akakwazanga ukufinyelela kuYe, wayekude kakhulu kuYe, kodwa ukukholwa kwakhe kwamisa uJesu. Bukani, Wayenezono zezwe phezu kwaKhe; Wayeno—nokufa kwaso sonke isidalwa esake safe, noma esasiyoke sife, silele phezu kwaKhe; Wayenaso sonke isono esake senziwa, noma esiyoke senziwe, sibekwe phezu kwaKhe; futhi Wayesendleleni yaKhe eya eKalvari, phakathi kwezixuku eziklewulayo zabantu bezenkolo behlekisa ngaYe, futhi beMcela inselelo ukuba avuse abafileyo noma aphulukise omunye umuntu, kodwa ukukholwa kwalesosinxibi esiyimpumpethe kwaMmisa ngqi emikhondweni yaKhe.

²³⁷ Ngifuna ukushumayela ngobunye ubusuku, uma ngingakwazi, ngokuthi *UJesu Wama Wathula*, ngibone ukuthi kwenzeka kangaki.

238 Ngenkathi uJesu ama wathula lapho, futhi Waphenduka, wathi, “Mletheni lapha. Ungathanda ukuthi ngenzani na?”

O, sengiyambona. Lapho usuthole ukuthi unokunaka kwaKhe!

“O,” wathi, “bheka, Wambiza, yima isibindi.”

239 Walahla ibhantshi lakhe, mbhekisise, akalibekanga kahle ngempela ukwazi ukuthi wayezolithola lapho esebuya, lapho ayengalithola khona, wayazi uma eke waxhumana noJesu, wayezokwazi ukubona ibhantshi lakhe lapho esebuya. Ngakho yileyo ndlela okungayo, yileyo ndlela. Uma eke wafika futhi waba nokuhlolwa ikhono noJesu, bekungehluka, khona-ke wayesekwazi ukubona kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, ngakho wavele nje walahla ibhantshi lakhe. Wasuka wahamba!

Futhi Wathi, “Yini obungathanda, ebeNgingakwenzela yona na?”

Wathi, “Nkosi, ukuze ngibone.”

240 Yilokho okwakusemqondweni wakhe, akakhulumanga kuYe ukuthi lalilihle kanjani iZulu. Kodwa wayenesidingo, “Ngifuna ukubona kwami. Ukuze ngemukele ukubona kwami.”

241 UJesu wathi, “Yemukela ukubona kwakho, ukukholwa kwakho kukusindisile,” ukukholwa okwaMmisa. Futhi uma ukukholwa kwethu kulobubusuku kungaMmisa, uma ukukholwa kwethu kulobubusuku kungaMehlisela lapha, singemukela ukuphulukiswa kwethu, lokho esikudingayo.

242 Indaba encane ngaphambi kokuvala. Ngifunde inganekwane encane, kufanele ukuthi kwakuyinganekwane, kwakufanele kube yiqiniso, kodwa ngiyakungabaza, ngoBartimewu. Ngangithatha impilo yabaprofethi, kanjalonjalo, futhi ngafunda indatshana ngoBartimewu.

243 Bathi wayekade eyimpumputhe kusukela esengu—umfana. Futhi niyazi, ngalezozinsuku, namhlanje lapho indoda iyimpumputhe, ngiyakhohlwa ukuthi bazibiza ngokuthini lezozi nja ezibaholayo, niyazi, futhi, uhlobo oluthize lwenja eholo indoda eyimpumputhe,inja eyiso elibonayo, ngalezozinsuku, esikhundleni sokuba nenja, babenewundlu elalihola. NoBartimewu wayenewundlu, futhi wayenamahobhe amancane amabili.

244 Futhi wathi ngobunye ubusuku wayenakho, wathola indodakazi encane, encane, indodakazi enekhanda elimnyama, futhi ngobunye ubusuku, intombazanyana yagula, futhi wayene... waphuma futhi wakhuleka, wayesethi, “Nkosi, uma Uzovumela intombazanyana yami iphile, ngizonikela kuWe ngamahobhe ami, kusasa.”

245 Leyo kwakuyiyonanto kuphela... Amahobhe amancane awela phezu kwelinye, nalokho ukujabulisa okuncane ukuheha

ukunaka kwezivakashi, futhi babemqathazela okuthize kweyakhe. . . uhlamvu lwemali enkomishini yakhe.

²⁴⁶ Futhi wathi, “Nkosi, uma nje uzongivumela ngiphile, ngizothatha amahobhe ami amabili ngiwayise ebandleni kusasa, futhi ngizonikela ngalamahobhe amabili kuWe.” Futhi umkhuhlane wentombazane encane wephuka, yaphila.

²⁴⁷ Emavikini ambalwa emva kwalokho, umkakhe wagula, nodokotela wathi kwakungekho lutho ayengamenzela lona, wayenze konke ayekwazi. Futhi waphumela ngaphandle kwesakhiwo, ebambelele eceleni kwendlu. Futhi wathi, “O, Jehova, uma Uzovumela umkami othandekayo aphilile, ngizoKwethembisa, anginalutho olunye engingaKunika lona, ngakho ngizoKunika iwundlu lami,” lokho kwamholela phezulu lapho.

²⁴⁸ Futhi ngakho ngakusasa ekuseni, umkakhe wayesengcono, ngakho wahamba ngendlela yakhe, ukuba athathe iwundlu lakhe alikhuphule libe ngumhlatshele. Bathi wahlangana nompristi omkhulu, wathi, “Bartimewu oyimpumpethe, uyaphi kulokhu ukusa na?”

²⁴⁹ Wathi, “O, mpristi omkhulu kaNkulunkulu, ngiya ethempelini ukuyonikela ngewundlu lami libe ngumhlatshele. Umkami wasinda ngenkathi ngimkhulekela, futhi ngethembisa uJehova ukuthi ngangizoMnika leliwundlu.”

²⁵⁰ Nompristi omkhulu wathi, wafaka isandla esikhwameni sakhe semali, wayesethi, “O, Bartimewu, ungeke wanikela ngalelo—lelowundlu.” Wathi, “Ngizokunika imali, futhi uye ku—kubathengi, noma abahwebi,” wayesethi, “yenyukela lapho futhi uzithengele iwundlu ukuba libe ngumhlatshele.”

²⁵¹ Wathi, “O, mpristi omkhulu, ngibonga kakhulu kuwe, kodwa,” wathi, “Angizange ngithembise uNkulunkulu iwundlu, ngaMthembisa leliwundlu.”

²⁵² Lokho kuyinkathazo enkulu kakhulu namhlanje, mngane. IPhasika, sigcwalisa ama-altare agcwele iminduze. UNkulunkulu. . . I-altare alenzelwanga iminduze, i-altare lenzelwa *nina*, niyabo. Niyabo? Kodwa si—sifuna ukuletha enye into ethize ezosimela, singeke sakwenza lokho, isiBambiso sethu sesivele silethiwe, uKristu.

²⁵³ Wathi, “Angizange ngiMethembise iwundlu, ngaMthembisa leliwundlu.”

Nompristi omkhulu wathi, “Bartimewu, ungeke wanikela ngalelowundlu, lelowundlu lingamehlo akho, ungeke wanikela ngalelowundlu.”

Wathi, “O, mpristi omkhulu kaNkulunkulu, ngempela kunjalo, kodwa uma ngizosigcina isithembiso sami kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzohlinzeka iWundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumpethe.”

254 Kwakuyilokho kusa okubandayo iWundlu uNkulunkulu ayelihlinzekele, iWundlu likaNkulunkulu lalihlinzekele amehlo kaBartimewu oyimpumpu. Sengiyambona emva kokuba Ethe, “Yemukela ukubona kwakho,” yima, emizuzwini embalwa, wabuka izandla zakhe. “O, Wangitshela ukuthi ngizokuthola, Wathi ukubona kwami kuyofika.” Isixuku sasiqhubeka sehla ngomgwaqo. Emva kwesikhashana, wabona isithunzi, wathi, “O, nasi! Ngiqala ukubona iminwe yami inyakaza.” Futhi wasuka wahamba, edumisa uNkulunkulu. Impela. UNkulunkulu wayehlinzeke ngeWundlu lamehlo kaBartimewu oyimpumpu.

255 LeloWundlu elifanayo lihlinzekele wena, dadewethu, wena, dadewethu, wena, wena, mina, noma ubani othandayo, uNkulunkulu uneWundlu elihlinzekele thina kulobubusuku lamehlo ethu, lamehlo ethu, ukuthi ukubona kwethu kokomoya kuzovuleka, futhi siqonde ukuthi YiNkosi uJesu Kristu phakathi kwethu. Kwangathi Angasipha khona kulobubusuku, ngumkhuleko wami.

256 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngalezizindaba zeBhayibheli, zingako kakhulu kithi, siyazithanda, ngoba zingukuphila kithi. Siyabona ukuthi Wawuyini, nokuthi Ubuyini izolo, Uyini namuhla, futhi uzoba yikho kuze kube phakade.

257 Manje, Nkulunkulu oNgcwele, Mdali wamaZulu nomhlaba, thumela futhi, kulobubusuku, uMoya oNgcwele. UJesu wathi, “Nxa uMoya oNgcwele esefikile, Uzothatha lezizinto zaMi futhi anikhombise zona. Uzonikhombisa izinto ezizayo, Uzofakaza ngeqiniso. Uzofakaza ngaMi,” kwasho uJesu. Futhi siyazi ukuthi kuyiqiniso.

258 Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi kulobubusuku ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenza imisebenzi lapha ezethamelini uJesu ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni, ukuze baqonde, namehlo alababantu ayovuleka, bonke. Abangingi babo balungile, bathembekile, abantu abangamaKristu, futhi bayaKuthanda, futhi baKuthanda ngezinhliziyo zabo zonke.

259 Manje, Baba, vula amehlo abo okomoya, ukuze bakwazi ukuqonda, ukuthi lezizinto ziyilokho impela Owathi kuyokwenzeka, kuyisithembiso saKho impela, Owasethembisa khona. Futhi kwangathi singakubona kulobubusuku, isandla sikaNkulunkulu ophilayo phakathi kwethu. Bese kuthi-ke onke amehlo abantu azovuleka, futhi khona-ke sonke sizokwemukela ukuphulukiswa kwethu, insindiso yethu, ne . . .

260 Lapho ibandla livala kulobubusuku, kwangathi singaya ekhaya njengalabo ababevela e-Emawuse, emva kokuba Usufile, futhi wambelwa, futhi wavuka futhi, wahamba nabo usuku lonke, futhi abaKupondanga, kodwa ngenkathi Ubavalela phakathi naWe, wedwa, ngalokho kuhlwa, Wenze into ethize

njengoba nje Wenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, bazi ukuthi Wawungasafile, ukuthi Wawuvukile kwabafileyo, ngokuba akukho-muntu obengenza lezozinto ngendlela Owazenza ngayo, futhi bagijima, bethokoza, bethi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?”

²⁶¹ Siphe into efanayo ukuba iphinde kulobubusuku. Nkosi, woza phakathi kwethu, uthathe imizimba yethu, uthathe lomzimba wami bandla, uma Ungawusebenzisa, yenza kanjalo. Baba, Ungeke wasebenzisa owami ngaphandle kokusebenzisa owabo, ngakho sebenzisa umzimba wabantu abagulayo, sebenzisa imiphefumulo yethu nomzimba kulobubusuku ekudunyisweni nenkazimulo yaKho, ukuze abanye babone futhi baphulukiswe. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNduna yebandla leNkosi. Amen.

²⁶² Uma bekukhona indlela engenzeka kimi ukuba ngenze ukuphulukisa, uma bengingabangela lelinenekazi lapha ukuba lisukume lisuke kuloluhlaka lombhede elilele kulo futhi lisuke lihambe, ngi—ngi—bengiyothatha ikota futhi ngiyiphushhe ngekhalala lami ngizungeze lelidolobha, ukukubona kwenziwa. Ngi... Ukuba-ke ngi... Kungathiwani uma lokho... Ukuba-ke bekungudadewethu—wethu, umama wami, umkami elele lapho na? Ukuba-ke lona bekungomunye wami... Ukuba-ke wena phandle lapho unomdlavuzo, noma inkathazo yenhliziyi, ukuba-ke bekungumama wami, umfowethu, indodana yami, indodakazi yami na? He! Kodwa, ngifisa sengathi bengingakwenza, kodwa angikwazi.

²⁶³ Futhi uma uJesu emi lapha egqoke lesudu Angipha yona, kanjalo Ubengeke, Usevele ukwenzile. Bangaki okholwayo ukuthi insindiso naso sonke isibusiso sokuhlenga sesivele sithengiwe na? Manje-ke Ubeyokwenzani ukuba Ubelapha na? Ubeyovele nje enze njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni, enze into ethize ebeniyobona ukuthi WayenguJesu ophilayo.

²⁶⁴ Manje, bangaki okwaziyo lokhu na? Ukuthi uJesu washo ukuthi ngalesisikhathi sokuphela, kade sishumayela ngakho kuleliviki, ukuthi uMoya kaNkulunkulu uyofika emhlabeni, obizwa ngoMoya oNgcwele, futhi ubuyokwenza imisebenzi efanayo Ayenzayo. Bangaki okwaziyo lokho na? Bakhombise isibonakaliso esifanayo Asikhombisayo, Wasikhombisa kumaJuda, Wasikhombisa kumaSamariya, kodwa Akazange asikhombise kwabeZizwe, kwakungesilo usuku lwabo. Kanjalo nabeZizwe babengambhekile uMesiya. Kodwa namhlanje sibheke ukuFika kwesibili kukaKristu. Manje, sifanele semukele isibonakaliso sikaMesiya, okuyisibonakaliso sokugcina.

²⁶⁵ Futhi khumbulani, khumbulani Wakhuluma ngoNowa na? Kodwa Akashongo ngaleyonkathi, kodwa Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma.” Washo lokho ukuziphatha

ko—kosuku lukaNowa, babedla, bephuza, beganwa, bendiswa, kodwa “njengemihla yaseSodoma,” Washiya lokho kanjalo. Niyabo? Leso yisambulo.

²⁶⁶ Bhekisisani iziNgelosi, ukuthi besikhuluma kanjani ngalokho ezikwenzile. Izinkonzo, bukani uBilly Graham namhlanje, impela nje, u-Oral Roberts wesimodeni, uBilly Graham, labobavangeli abanamandla beshanela umhlaba, bebiza baphume eBabiloni, baphume eSodoma, konke abangakwenza. Ngabe kubangcono na? Kubi kakhulu ngaso sonke isikhathi.

²⁶⁷ Manje bhekisisani iBandla elikhethiwe. Uyakholelwa okhethweni na? Impela ufanele uma ulikholwa iBhayibheli. Amagama ethu afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kusho iBhayibheli. Niyabo? Sakhethwa nguNkulunkulu, ngokwazi kwaKhe ngaphambili Wasikhetha.

²⁶⁸ Manje, manje, bese kuthi-ke, uma sibiziwe, nifanele nibonge uNkulunkulu ukuthi nikhethiwe, yilokho engibonga kakhulu ngakho, ukuthi uNkulunkulu wangibiza, wangikhetha. Angizange ngiMkhethe, Wangikhetha. Awuzange uMkhethe, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdoni kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza kiMi.” Kunjalo. Ngakho niyabo, uma uNkulunkulu ekubiza, Uzongqongqotha emnyango wakho, leso yisikhathi sakho sokuba uze.

²⁶⁹ Manje, namhlanje wusuku lwabeZizwe. Lolu wusuku, uMlayezo wokugcina...Futhi khumbulani, iSodoma laliymbubhiso, ngenkathi uMlilo wehla uvela eZulwini.

²⁷⁰ Ngabe nonke benifunda iphepha ngalombuthano oqhubekayo lapha eCalifornia, ukuthi lawomadoda akhuluma kanjani ngokulahla esuka kwelinye iqembu aye kwelinye na? Kodwa kusobala, kimi, ngi—nginjalo, ngaphosa ivoti elilodwa, lelo lalikuJesu Kristu loMsindisi wami, ngizonqoba. Kunjalo. Lokho kulungile. Ngavotela iNkosi uJesu ukuba ibe nguMsindisi wami, futhi yilokho kuphela. Niyabo? Manje, ngiyakholelwa ekuvoteni, ngikhulwa ukuthi nifanele nikwenze, kodwa lelilupiti alisiyo indawo yokukhuluma ngalokho, ukhuluma ngalokho nomaphi lapho ufuna khona, leli yiVangeli lapha, lena yinto ethize engaziyo ukuthi iqondile, futhi ihlanzekile, futhi iyiqiniso, futhi ngiyazi ukuthi izokwenzeka, yilokho kuphela.

²⁷¹ Manje, lapho Elapha, lapho uJesu efika kithi kulobubusuku, ngifuna nikhumbule ukuthi sonke isibusiso sokuhlenga Angake aniphe sona, “Ya—Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphulukisiwe thina.” Wonke umuntu wasindiswa, wonke umuntu waphulukiswa ngenkathi uJesu efa eKalvari, kodwa ufanele ube nokukholwa okuqondene nawe kuYe ukuba usindiswe noma uphulukiswe.

272 Manje, ukuba uJesu ubelapha kulobubusuku, ubuyothi, “Nkosi Jesu, yehla, ubeke izandla zaKho phezu kwami,” futhi akuphulukise.

273 Niyazi ukuthi Ubeyothini na? “Mntwana waMi, awulikhholwa yini iZwi laMi na? Uyalikhholwa yini iZwi laMi na? Ngalinyazwa ngenxa yeziphambeko zakho, ngemivimbo yaMi uphulukisiwe.”

274 Manje, iZwi laKhe lifanele lenele, kodwa manje-ke... Uma ungalikhholwanga izwi lami, mhlawumbe bengiyoliyeka nje lihambe; uma ngingalikhholwanga elakho, ubuyongivumela ngihambe, kodwa hhayi uNkulunkulu, uma ungalikhholwa iZwi laKhe, khona-ke noma kunjalo Wathumela uMoya oNgcwele neziphiwo eBandleni. Yini eyokuqala na? Abaphostoli, abaprofethi, abavangeli, abafundisi, abelusi, konke okokuphelelisa iBandla, ukuletha iBandla ekwazini ngaYe. Umfundisi, umelusi, umvangeli, umprofethi, zonke lezizinto zifanele—zifanele zazise...

275 Bangaki abantu bePentecostal olapha kulobubusuku na? Awu, nina bantu nikholelwa ekukhulumeni ngezilimi. UPawulu wathi, “Uma ekhona phakathi kwenu manje okhuluma ngezilimi, futhi kungekho-muntu ohumushayo, ngaphandle uma kungokokwakha, omunye umuntu ukuba akuhumushe, ngaphandle uma kungokokwakha ibandla, ngani, abantu ongafundile bazongena, bahambe futhi bathi, ‘Ngani, niyahlanya nonke, nonke nisangene.’” (Okungukuthi *ukusangana* kuchaza “ukuhlanya.”) “Futhi uthi, ‘Ngani, nonke nisangene.’ Kodwa uma omunye engumprofethi, futhi ezoprofetha futhi embule into, khona-ke bayodingeka bawe phansi bese bethi, ‘Qiniso, uNkulunkulu unani.’” Ngoba lesi yisibonakaliso sokugcina sikaNkulunkulu. Siyakwazi lokho, futhi yilokho-ke, siphila kukho namhlanje. INkosi inibusise.

276 Manje, ngikhothliwe... Uphi uBilly Paul na? Ngabe yena u...? Ngiyaxolisa. Mncane kakhulu, angikwazi ukumbona. Mangaki amakhadi owakhiphile na? Amashumi amahlanu na? Ngabe uqale emashumini amahlanu, noma...? Elokuqala kuya kwelamashumi amahlanu, kulungile.

277 Asikwazi ukubamisa umugqa bonke kanyekanye, ngakho asibamise emgqeni ngakho konke esingakwenza. Kulungile, ikhadi lomkhuleko lokuqala, ubani onalo na? Yiluphi uhlamvu na? U B? U B, wokuqala na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

278 ...ukuba ngokoqobo, noma ngingumprofethi wamanga nomqambimanga, neBhayibheli linephutha. UNkulunkulu wobuKristu wethembisa ukuthi Uyohlangana lapha, “Nomaphi lapho nibuthene khona ndawonye, Ngiyakuba nani.”

279 Wathumela iNgelosi futhi yangitshela, “Ungesabi. Ngi... Uthunywe ukuba ukhulekele abantu abagulayo, uzokwazi yona impela imfihlo yenhliziyoyabo.” Ngi...

²⁸⁰ Manje, imibono yaqala ukuza..Into yokuqala engiyikhumbulayo empilweni kwakungumbono, bekuhlala kunjalo. Uzalwa naleziphiwo, anibeki izandla komunye nomunye ngalezizinhlobo zeziphiwo, leziziphiwo, uNkulunkulu ubeka ebandleni. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Niyabo? UNkulunkulu uzibeka ebandleni, uzalwa nazo, zingezemvelo, ezemvelo nje njenganoma yiyiphi enye into.

²⁸¹ Manje, ngethemba ukuthi Uzosipha uBukhona baKhe. Uma Ekwenza, kwangathi izibusiso zaKhe ezinkulu zingaba phezu kwethu. Hloniphani ngokuzithoba, nikholwe.

²⁸² Wena uthi, “Ubambezelelani, Mfowethu Branham na?”

²⁸³ Ngilindele Yena. Kunjalo impela. Uma Engafiki, angikwazi ukwenza lutho, kodwa uma Engigcoba, ngingakwenza.

²⁸⁴ Manje, bhekisisani, noma ngabe ubani olawula lo—lombhobho lapha, ngoba kungahle kube ukuthi ngi. . . iphimbo lami ngezinye izikhathi. . . Ngukuquleka, awazi ukuthi uthini. Kungumbono, ubona into ethize eyenzekayo, futhi, kwenye indawo. Ngakho manje, uma kwenzeka kwangabi ngokuzwakala kakhulu ngokwanele, yisho kwamanye amadoda.

²⁸⁵ Khumbulani, nonke, ngizonibona kusasa ebusuku iNkosi ithanda. UNkulunkulu anibusise. Manje, kwangathi iNkosi uJesu ingabusisa sisacula kancane elithi *Kholwa Kuphela*, sonke ndawonye manje.

Kholwa kuphela . . .

²⁸⁶ SengiyaMbona lapho Ehla egqumeni, umntwana onesithuthwane lapho. Wathi, “Nkosi, yiba nomusa kumntanami, ukhwelwe yidemoni ngokuhlukahlukene.”

UJesu wathi, “Ngingakwazi, uma ukholwa, ngokuba konke kungenzeka, kholwa kuphela.”

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

²⁸⁷ Ngithatha bonke omoya phakathi lapha phansi kokulawula kukaMoya oNgwele eGameni likaJesu Kristu.

Manje, ngabe—ngabe yiyo lendoda na? Ngabe lona ngomunye wabantu ozokhulekelwa na?

²⁸⁸ Sawubona, mnumzane? Manje, siyahlangana, ngiyethemba, okokuqala empilweni yethu. Yiqiniso lelo na? Kulungile. Siyizidalwa ezingabantu ezimbili nje ezihlangana ndawonye. Angikwazi, nawe awungazi. Futhi mhlampe ulapha ngokugula okuthize, noma othize othandekayo, noma okuthize kwezezimali, angazi ukuthi u. . . inkathazo yasekhaya, noma ngabe kuyini, uNkulunkulu wazi konke ngakho.

²⁸⁹ Manje, bekungaba njalo ukuthi ngihambe nganqamula lapha, emva kokuba senginitshela lezizinto enginazo, futhi ngibeke izandla phezu kwenu, bese ngithi, “Ngizokukhulekela, mfowethu, futhi wena hamba futhi uphile.” Noma

mhlawumbe ngingahle ngenze, njengomunye womfowethu okhonzisayo, nje sibeke izandla zethu phezu kwakho, futhi sikhuze umoya, kanjalonjalo, njengabanye balabo bazalwane onokwangempela, esikubiza ngokuthi, “ukukholwa kokuphikelela,” njengoMfowethu Oral Roberts ebeka izandla zakhe phezu kwakhe, futhi unokukholwa kwangempela, futhi uyayilahla into, futhi kanjalo. Leyo—leyo yinkonzo kaMfowethu Roberts. Niyabo?

²⁹⁰ Futhi uNkulunkulu—uNkulunkulu akasebenzani namadoda amabili ngokufanayo. Angikwazi ukuthatha indawo kaMfowethu Roberts, futhi angeke ayithatha eyami. Sobabili sinezinkonzo, sifanele senze njengoba uNkulunkulu esitshela ukuba senze.

²⁹¹ Kodwa manje, uma bengingenyukela lapha, futhi ngithi, “Kulungile, mfowethu—mfowethu, ngingenkonzu yokubeka izandla phezu kwakho.” Futhi ngizokutshela lokho, futhi uqhubeke, mhlawumbe ubungasinda, kunjalo. Kodwa manje, ubungaba nokungabaza okuncane ngalokho. Niyabo? “Manje, ngabe ungitshela iqiniso noma qha na?”

²⁹² Manje, uma uJesu Kristu esaphila njengoba Enza ezinsukwini ezedlulayo, futhi ngingazinikela eMoyeni waKhe, ngingakwazi, khona-ke uma Into ethize ingena kimi, futhi iqala ukwembula into ethize e, into oyenzile emuva esikhathini esedlule, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni, njengoba Atshela uSimoni Petru ngenkathi eza kuYe, futhi o, izindawo eziningi kakhulu eBhayibhelini, niyabo, uma Eqala ukukutshela owawuyikho, awu, uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha. Khona-ke uyoba ngufakazi walokho, futhi uzokwazi ukuthi lokho kuqinisele noma qha, ungfakaza ukuthi kunjalo noma qha.

²⁹³ Manje-ke uma Ekutshela obekukhona, bese-ke eyakutshela ukuthi kuzoba yini, uma lokho obekukhona kuyiqiniso, khona-ke lokho Akutshela khona kuzoba yikho impela kuzoba yiqiniso. Ngabe kunjalo, zethameli na? Niyabo? Khona-ke awudingi ukuqagela. Lowo nguMoya weNkosi.

²⁹⁴ Manje, angisho ukuthi Uzokwenza, ngethemba ukuthi Uzokwenza. Kodwa uma Ethanda, izethameli sezivele zithembisile, lokhu khona lapha, uma Eyotshela lendoda, enza nje into efanayo njengoba Enza ngenkathi uSimoni eza kuYe, wathi, “Wena—wena unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase,” noma wantshela ukuthi wayengubani, noma uFiliphu, noma abanye babanye kanjalo, ukuthi Wakwenza ngenkathi beza kuYe, ngani, bekuyokwenza uJesu Kristu abe nguye izolo, namuhla, naphakade, bekungeke na? Enze uBukhona baKhe lapha, iNduna engeNkulu enkulu yebandla leNkosi.

²⁹⁵ Manje, anginalwazi ukuthi yini...ubukeka eyindoda ephilile kimi, akukho lutho ngaye obekungabukeka

kungenampilo. Kodwa kukhona impela... Angahle angaguli, kungahle kube ngenye into, iNkosi iyazi. Manje, kwangathi iNkosi ingangisiza, kwangathi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu ungeza kimi, futhi ukhulume ukuze abantu bazi, bazi ukuthi NguMoya othize, futhi bayokwehlulelwa ngalokho abaWubiza ngakho.

²⁹⁶ Nkulunkulu, Wena unguMahluleli. Makube njalo, ngeGama likaJesu Kristu, ngenxa yenkazimulo yaKho, Nkosi, hhayi okombukiso, kodwa okwenkazimulo yaKho. Amen.

²⁹⁷ Manje, uma abantu besengalizwa iphimbo lami, indoda iyasuka kimi. Inento ethize engalungile, inkathazo yayo isogebhezini lwekhanda layo, ekhanda layo. Yona... Yilapho inkathazo yayo ilele khona. Ngabe...? Kunjalo, akunjalo yini, mnumzane na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

²⁹⁸ Manje, kukhona—kukhona amandla athize aziyo ngalowomuntu, angikwazi. Wena uthi... Kungahle kube khona okusha... Ngabe ukhona lapha, ongakaze abe komunye wemihlangano ngaphambilini na? Phakamisa isandla sakho. Awukaze ube semhlanganweni ngaphambilini. Ungahle ucabange ukuthi ngikuqagelile. Kulungile, ake sibone. Makuthi Yena...

²⁹⁹ Angazi ukuthi bekuyini, amateyipu lapho anakho; yingakho sigcina lamateyipu, yonke into eyashiwo. Akukaze kubekhona neyodwa into eyake yashiwo, kodwa ukuthi iNkosi ikuqinisekile ukuthi kuyiqiniso.

³⁰⁰ Yebo, nakhu: Indoda iphethwe yinto ethize ngekhandla layo. Yi... yathola ukulimala. Kwakungokuthile mayelana nezingodo, noma okuthize mayelana nokuvuswa kwezingodo, noma okuthize, ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo. Kunjalo.

³⁰¹ Awusuye owalapha, uze lapha kulomhlangano, ungowaseCalifornia. Kunjalo. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? Ubengangitshela ukuthi ungubani na? Bekungakusiza na? Uzokholwa ukuthi bekungenza wena...? Ubuyokwenza na? Kulungile, Mnu. Robinson, ungabuyela ekhaya futhi uphile. UJesu Kristu uyakusindisa.

³⁰² Uyakholwa eNkosini na? Manje, niyabo, bukani bangane, lowo akusimina. Mina, uNkulunkulu uyazi, ngeke nganitshela neyodwa into eshiwo kuleyondoda, ngumbono, ngibheka ukuthi kwenzekani. Niyabo? Manje, leyo yinto efanayo... Bangaki phakathi lapha, amakholwa, abaziyo ukuthi leyo yinto efanayo uJesu Kristu ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi wethembisa ukuthi kuyoba yisibonakaliso sesikhathi sokuphela na? Manje, yini enye esingayisho na? Ulapha, manje kholwani kuYe. Lokho bekufanele kukuxazulule, zonke izethameli bezifanele zisukume futhi zithi, “Ngiyayibonga iNkosi,

Ingiphulukisile,” kuqhubeke. Kunjalo. Konke sekuphelile, Ukufakazisile.

³⁰³ Unjani. . . ? Ngabe lokhu. . . ? Angisangene, kodwa imibono, ufanele ubhekisise. Ni—ni. . . Niyabo, ngiyanibuka lapha, futhi nginibona ndawondawo, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, umbono. Uyagikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Uyakukholwa lokho na? Siyizihambi komunye nomunye, angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi.

³⁰⁴ Manje, lesi ngesinye isithombe esihle njengoJohane oNgcwele 4, nina bafundi beBhayibheli, owesilisa nowesifazane bahlangana okokuqala empilweni, owesifazane waseSamariya noJesu waseNazaretha. Niyayikhumbula leyondaba na? Wenzani uJesu na? Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, uNkulunkulu waMthumela enhla lapho; benginesidingo sokuza eKlamath Falls, uNkulunkulu ungithumele ngapha.

³⁰⁵ Owesifazane uyaphuma futhi wayekhuluma noJesu. UJesu wakhuluma naye isikhathi eside ngokwanele ukuxhumana nomoya wakhe, futhi wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe futhi wamtshela, futhi wathi, “Ufanele ukuba ngumprofethi. Siyazi ukuthi lapho uMesiya,” okuyiNkosi uJesu, “UMesiya, nxa Efika, Uzositshela lezizinto.”

UJesu wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

³⁰⁶ Manje, uma—uma wake waba seSamariya, ngumthombo, uhlezi endaweni encane ebonakala ngasikhathi sinye, njengalena nje lapha. Nantu impela uhlobo lwendaba olubuye luphilwe futhi. Nango, angimazi, futhi siyizihambi futhi sihlangana lapha okokuqala. Anginalwazi ukuthi owesifazane umeleni lapho, kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi uzele ini lapha, Wazi konke ngakho.

³⁰⁷ Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi into ethize eyinkathazo yakho, *enye into* nje engalungile, noma—noma ngabe yini oyizele lapha, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

³⁰⁸ Izethameli zizokwenza okufanayo na? Omunye wayeyindoda, bonke abesifazane mabakholwe.

³⁰⁹ Manje, inenekazi liyaqonda, khona manje, ukuthi kukhona okwenzekayo. Phakathi kwami nowesifazane kumi lokho kuKhanya. Bangaki oKubonile esithombeni na? Unaso. . . ? Izithombe zonke zilapha. Gene, ngabe nonke niletha izithombe emsamo na? Ufanele uthole esisodwa. Yisithombe esinelungelo lobunikazi, silenga eHholo lezeNkolo lobuCiko eWashington, DC, okuwukuphela kwesiDalwa esingaphezu kwemvelo esake sathwetshulwa ngokwesayense; lokho kungohulumeni. Kwathwetshulwa ngapha (Yini lendawo esiya kuyo ngokulandelayo ngapha, eCalifornia na?), eLakeport.

310 Unohlobo lwezifo ezelakanyanayo, inhliziyi, izinkathazo ezehlukene ophethwe yizo. Awusuye owalapha, kulelidolobha. Uvela kwelinye idolobha, libizwa ngokuthi yiLake-thizeni, ILakeview, yilapho ovela khona. Kunjalo. Ukhathalele omunye umuntu omkhulekelayo, futhi. Yena unenkathazo ethize yomphimbo futhi, yinto ethi ayibe ngokohlelo lo—lomongozima, kuphela kufana kakhulu nethumba. Unento ethize ekhaleni, futhi, ekukhathazayo, ekhaleni lakho. Kunjalo.

311 Unendodakazi lapha. Kunjalo. Uhlobo oluthile lwenkathazo njengesikhumba, izinyawo ezimbi. Kunjalo. Lelo yiqiniso, akunjalo na? Umyeni wakho akakwazanga ukuza, kodwa uyagula, futhi. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ngoMoya oNgcwele ukuthi yini inkathazo yakhe na? Umongozima. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Bekungakusiza na? Ubungaya ekhaya futhi ukholwe engikutshela khona ukuthi kuyiqiniso na? Ubuyokwenza, noma kanjani. Awu, Nkk. Trachsel, ungaya ekhaya khona-ke futhi uphiliswe, uJesu Kristu ukuphulukisile. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

312 Uyakholwa eNkosini uJesu na? Lokho kufanele kukuzazulule ezethamelini.

313 Sawubona, mnumzane? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uma ukukholwa lokho ngenhliziyi yakho yonke, u. . . Uyindoda ekahle kakhulu, umele omunye umuntu lapha, unesifo sokuvuvuka. Kunjalo. Hamba ukholwe manje, futhi uzokwedlula kukho. Amen.

Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu, ungangabazi.

314 Lelonenekazi elihlezi khona emuva lapho, lingumama wabancane, abantwana abagulayo. Wena uthinte Into ethize khona-ke, nenekazi. Ukholiwe, awukholwanga na? Unomongozima qobo lwakho ofuna ukukhulekelwa wona, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Abantwana bakho abancane uyagula, unamasethi amabili amawe. Kunjalo, akunjalo nenekazi na? Kunjalo, phakamisa isandla sakho.

315 Uthinteni na? Bukani lapho ehlezi khona. Wenzani na? Akazange angithinte, uthinte Yena, umPristi oMkhulu, Uphendukile.

Ungakhathazeki, nenekazi, uphulukisiwe, nabantwana bakho bazophila. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa, uma ungangholwa.

316 Nakhu kuhlezi inenekazi namehlo alo ekhotheme *kanjalo*, belizikhulekela, linesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi iNkosi izokusindisa, dadewethu, uhlezi lapho na? Ubukhuleka, uthe, “Nkosi, makangibize.” Kunjalo, phakamisa isandla sakho uma kuyilokho okushilo emkhulekweni wakho. Ngazi kanjani ukuthi utheni emkhulekweni wakho na?

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi.

³¹⁷ Sawubona, mnumzane? Siyizihambi omunye komunye, angikwazi, futhi—futhi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma iNkosi izongembulela okuthile ngawe, uzoYikholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ubuyokwenza. Inkathazo yakho ise, ekhanda lakho. Unenkathazo ngekhandla lakho. Unamalumbo, uthi ukuquleka, kanjalonjalo. Unokungabaza okuncane ngensindiso yakho, futhi, awuqinisekile nje impela ukuthi uqinisile impela noma qha, kunjalo.

³¹⁸ Nokuthi lokhu kwenzeke kanjani, ube nengozi eyenze lokhu, kunjalo. Mnu. Woodland, uyakholwa ukuthi lelo yiqiniso na? Yilokho okwakuthatha, kwakungenjalo na? Kulungile, qhubeka, uzoba kahle. UNkulunkulu akubusise.

³¹⁹ Yiba nokukholwa nje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. UNkulunkulu uzokupha isicelo sakho uma kuphela uzoMkholwa. Ngabe wena...? Uyakholwa na? Manje bukani, niyazi ukuthi kukhona okuzokwenza lokho. Ngabe kunjalo na? Manje, hlobo luni loMoya oKuyiwo na? UyaKukholwa ukuthi kunguMoya kaNkulunkulu na?

³²⁰ Manje, abaFarisi basho kuJesu ukuthi WayenguBelzabule ngenkathi Ekwenza. Wathi, “Ngiyanithethelela ngokusho lokho, kodwa nxa uMoya oNgewele efika uma ukhuluma izwi elilodwa elimelene naWo, alisoze lathethelelwa.” Ngabe kunjalo na? Manje, buza abanye balababantu okwenziwa kubo isimangaliso, babuze, ubone ukuthi ngabe kuyikho ngempela yini. UNkulunkulu uyazi ukuthi *kuyikho* ngempela.

³²¹ Sawubona, nenekazi? Umuntu obukeka enomusa. Buka nje, uyabona ukuthi kukubeka kanjani na? Uba buthakathaka kakhulu nje, zonke izethameli zibukeka sengathi ziyabhukuda, zizungeza kimi. Khumbulani, uJesu wabona umbono owodwa, umuntu oyedwa waMthinta, Wayesethi, “Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi.” Yini *amandla* na? Ngamandla okuqina.

³²² Abanye benu phandle lapho manje, abangenawo amakhadi omkhuleko, kanjalonjalo, khulekani, wena laphaya, buka phezu kuNkulunkulu, bese uthi, “Nkulunkulu, ngiyaKukholwa. Lendoda ayingazi. Uma nje Uzongithinta, O Nkosi Nkulunkulu, uma nje Uzongiphilisa, ake nje ikhulume kimi, ngizokholwa ngayo yonke inhliziyo yami.”

³²³ Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho kulokho. Ningangikholwa, Mkholweni, ngoba ngingumuntu nje, njengalombhobho nje. Akusiwo umbhobho owuzwayo, yiphimbo lami; Akusimina enimzwayo, NguYe.

³²⁴ Mnumzane, uhlezi lapho nenkathazo yakho yeqolo, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokuphulukisa, akuphulukise na? Umkakho uhlezi eduze kwakho lapho, unenkathazo ngeminwe yakhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu

uzomphulukisa, naye na? Uyakholwa, dadewethu, nawe na? Lokho kukwethusile, akuzange, mfowethu na? Ubungazi ukuthi ubunalokho kukholwa okungako. Beka izandla zakho phezu komkakho, unolunye uhlobo lwezifo ezithelelanayo kanjalo, kuyamkhathaza ezandleni zakhe, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye manje.

325 Sathane, ngiyakukhuza, phuma kulababantu!

326 EGameni likaJesu Kristu, kwangathi bangaphulukiswa. Amen.

327 Manje, kinina nobabili osanda kubizwa nje, ngabe omunye wenu akanalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi. Kulungile. Manje, ubunani na? Ubunokukholwa. Uthinte okuPhezulu... Angikwazi, uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho, uma siyizihambi omunye komunye. Futhi angikaze ngikubone empilweni yami, ngiqagele awukaze ungibone. Kodwa lokho kukholwa bekuthi akube wuhlobo lokungazi kuwe, kodwa uthinte Into ethize, futhi iKuzuzisile ngakho, manje uzosinda. Ungakhathazeki, ukukholwa kwakho kukusindisile.

328 Uma lowo kungesuye uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade, angilazi iBhayibheli. Yebo, mnumzane. Kuyiqiniso.

329 Uxolo, nenekazi. Ngivele, buka, sekuyithuba lakho ukuba ukhulekelwe, bengibuka izethameli nje, ukuze abantu babone ukuthi a—akuthathi i—ikhadi lomkhuleko ukuphulukisa abantu, niyabo, ku—ku—kuthatha ukukholwa kuNkulunkulu. Kunjalo. Kuthatha ukukholwa kuNkulunkulu ukuphulukisa abantu. Uma nje uzoba nokukholwa futhi ungangabazi, uNkulunkulu uzokuphulukisa.

330 Ucabangani ngalokho, Mnu. Robison, ohlezi lapho onesibhono na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubengakuphilisa na? Uyakholwa na? Kulungile, mnumzane.

331 Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami, angikaze ngiyibone empilweni yami, kodwa ibihlezi lapho icabanga ngalokho.

332 Kunjalo, akunjalo, mnumzane na? Phakamisa isandla sakho. Niyabo, uJesu wakwazi konke lokho okukhulekelayo nakho konke ngakho.

333 Yiba nokukholwa nje. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho ukuthi kuvela kuNkulunkulu, noma ngabe inkathazo yakho iyini, izobe ingasekho. Wakuthanda ngokwanele ukuba akubize; lapho uMbiza, Uyakuphendula. Akamangalisi na?

334 Ehlushwa ukuphathwa yikhanda okumangalisayo ngaso sonke isikhathi, ehlezi khona emuva lapho ekugcineni. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uma ukukholwa, izinsuku zokuphathwa yikhanda seziphelile.

³³⁵ Siyizihambi omunye komunye, angikwazi. Cishe siqhelelene ngeminyaka, futhi—futhi siqhelelene ngamamayela, futhi—futhi lapha siyahlangana. Kodwa uJesu usazi sobabili, kunjalo. Uma Yena, ngamandla aKhe amakhulu, ezokwembula kimi okuthile ngawe owaziyo ukuthi angikwazi, ngabe kuzokunika usizo olukhulu nje na? Kuyoba njalo.

³³⁶ Zama lokhu kanye, okunye futhi. Nibone—nibone uma uMoya oNgcwele wethu. . . Umuntu onomusa kangaka elindile sonke lesosikhathi. Khona-ke sizoba nomkhuleko wabo bonke abanye abantu.

³³⁷ Ngempela ulapha esikhundleni somunye umuntu, ulapha ngomuntu onokwethuka, ukwethuka kwengqondo, isimo, othi ukulahlekelwa yingqondo yabo. Kunjalo. Futhi ubeke iduku phezulu lapha ukuba uliyise kulowomuntu. Kunjalo. Awusuye owakulelidolobha, uvela endaweni ebizwa ngokuthi iGrants Pass, phezulu eMfuleni iRogue. Kunjalo.

³³⁸ Unohlobo lwenkathazo yenhliziyi, izifo ezelakanyanayo. Yiqiniso lelo. Unendodakazi lapha kulobubusuku, oyikhathalele, iyindodakazi yokutholwa, empeleni isemgqeni wokuba—ukuba, emgqeni ukuba ikhulekelwe emuva lapho. Inenhliziyi enesifo samathambo, isimila, umphimbo.

³³⁹ Uza lapha ngebhasi, uzobuyela emuva kusasa, lokhu kuzoba ubusuku bakho bokugcina lapha. Yiqiniso lelo. Awusho, ubungumfundisi, umshumayeli wesifazane, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI, lelo yiqiniso. Manje uyakholwa na? Khona-ke hamba uye ekhaya futhi wemukele khona impela nje okucelile, futhi uNkulunkulu waseZulwini akubusise njalonjalo. Qhubeka ungene nje, dadewethu, seku—sekuphelile, uzoba kahle. Nje unga—ungangabazi, qhubeka nje, kholwa.

³⁴⁰ Manje, angikwazanga ukubona intombazane lapho owesifazane ebemi khona, kodwa ngimbone phandle lapha phambi kwami. Manje, niyakholwa, nonke, nganhliziyonye na? Niyakholwa eNkosini uJesu, nonke na? “Othandayo, makeze.”

³⁴¹ Mnumzane, uma uzokholwa uNkulunkulu, isifo samathambo sizokushiya. Uyakukholwa lokho na? Khona-ke hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, “Ngiyabonga, Nkosi, ngokuba muhle ngempela kimi.”

³⁴² Futhi unento efanayo. Enye into yendoda enguntanga wakho empeleni ibiyoba nendlala engasesinyeni, okumnyama okuncane okwenza ube nokwethuka, kanjalonjalo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, uyakholwa na? Khona-ke hamba ngendlela yakho, futhi uthi, “Ngiyabonga, Nkosi, ngizophila.” Kulungile, mnumzane.

³⁴³ Ungowesifazane osemusha onamandla ukuba ube nenkathazo yenhliziyi, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphulukisa inkathazo yenhliziyi na? Hamba ngendlela

yakho, futhi uthi, “Ngiyakubonga, Nkosi Jesu, ngokungiphilisa njalonzalo.”

³⁴⁴ Kulungile, woza, nenekazi. Usibekelwe, kunethunzi elimnyama elikulandelayo, okusho ukuthi unomdlavuza, kusibekelwe ukufa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa futhi akusindise na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngiyakwemukela, Nkosi.” Hamba ngendlela yakho, uphiliswe. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

³⁴⁵ Woza, nenekazi, uma uthanda. Kulungile, unenkathazo yeqolo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphulukisa iqolo lakho na? Hamba ngendlela yakho futhi usindiswe. Kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

Uyakholwa phandle lapho na?

Kulungile, woza, mnumzane. Unesimo sesifuba somoya. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphulukisa na? Hamba ngendlela yakho, futhi uthi, “Ngiyakubonga, Nkosi,” philiswa.

Woza, mnumzane. Unesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa isifo sikashukela na? Hamba ngendlela yakho futhi uphiliswe. Kholwa ngakho konke okwakho. . . inkathazo.

Inkathazo yakho iseqolo lakho, walimala. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Hamba ngendlela yakho futhi uphiliswe, futhi ube nokukholwa kuNkulunkulu.

Woza, mnumzane, ngapha. Umzuzu nje, ngiyabona lendoda inomoya wesithulu. Khothamisa ikhanda lakho umzuzu nje.

³⁴⁶ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke iziphos ezinhle, vula izindlebe zalomuntu futhi umenze ezwe, Nkosi. Akakwazi ukuzwa, ngukukholwa okuza ngokuzwa, lomoya wesithulu uphezu kwakhe. Ivule, Nkosi, ngiyakhuleka eGameni likaJesu.

³⁴⁷ Sathane, mdedele!

³⁴⁸ Sekuyisikhathi esingakanani ungalendlela na? Isikhathi eside na? Uyangizwa kahle manje na? Kulungile. Uyangizwa manje na? [Umfowethu uthi, “O, ngikuzwa ngokucacile, kodwa amazwi awahlukanisi. . . ? . . .”—Umhl.] Uyangizwa manje na? Thana, “Amen.” “Ngiyayithanda iNkosi.” “Ayibongwe iNkosi.” Ayehlukanisa manje kahle. Uphulukisiwe. Empeleni, waphulukiswa ngaphambi kwemihlangano yami. Amen. Ngikubonile ngenkathi kwenzeka. Amen. UNkulunkulu. . . UNkulunkulu wakuphulukisa eminyakeni eyedlula. UNkulunkulu akubusise.

³⁴⁹ Akamangalisi na? INkosi yethu ayimangalisi na? Manje, ngitshela into eyodwa Angayenzi.

³⁵⁰ Isizathu sokuba ngithathe leyondoda lapho ngalokho, angazi ukuthi yayiyisithulu kanjani. Uthe ungewengezi lwezindlebe


zakhe lwaqhunyiswa okokuqhumisa idayinamite. Futhi ngakho, ngangingazi noma ngabe kukhona ayekuzwa noma qha, ngangazi nje ukuthi kwakukhona ubuthulu kuye. Futhi yingalesosizathu...Uma engeke—uma engezwa, awu khonake, ngenkathi ngiyomkhulekela, ngimbonile emi komunye umugqa, futhi ngibone iNkazimulo kaNkulunkulu phezu kwakhe. Futhi waphulukiswa komunye umhlangano, futhi ngakho indoda ikahle manje, ngokwejoyelekile okuphelele. Yingalesosizathu umbamba kanjalo, futhi ukubambe kuze kwenzeke, aze ezwe. Bese kuthi-ke ukukholwa, angezwa, ukukholwa kuvela gokuzwa.

³⁵¹ Nonke niyakholwa eNkosini uJesu na? Bangaki lapha okholwayo manje, futhi uyazethemba ukuthi iNduna eNkulu, iNduna yebandla leNkosi isesakhiweni na? Niyakukholwa na?

³⁵² Manje, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, asibe nomkhuleko webandla. Ngamunye wenu, uma nikholwa ukuthi “lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Manje, singeke saphulukisa, kodwa kholwani, ngiyacela kholwani. Udlula ngapha.

³⁵³ “Jesu, Wena Ndodana kaNkulunkulu, ngihawukele! Wena Ndodana kaNkulunkulu, ngihawukele!” O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke iziphos ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalababantu engibabusisa eGameni laKho.

³⁵⁴ Nkosi, ngibuthakathaka kakhulu, angisakwazi ukuma lapha. Ngikhulekela ukuthi uMoya waKho uzoza ngamandla amakhulu nokugcoba, futhi ubambe lezizethameli. Kwangathi abantu bangasukuma bame ngezinyawo zabo bedazuluka, “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!” O Nkulunkulu, siphe khona. Futhi kwangathi wonke umuntu ophakathi lapha angaphulukiswa.

³⁵⁵ Sathane, ngiyakulahla phezu kwezisekelo zeGazi elichithiwe likaJesu Kristu, ekuhluphekeni okubambelayo, ukuvuka, phuma kulezizethameli, shiya lababantu, eGameni likaJesu Kristu! 

60-0713 Impumpethe UBartimewu
EKlamath Union High School
EKlamath Falls, E-Oregon E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org